


UKUBALA NGOKUHLEHLA

 Ngiyabonga, Mfowethu Neville, iNkosi ikubusise. Ngihlala njalo ngithi ukujaha. Ngisanda kungena nje. UMfowethu Moore ubenami efonini mayelana nokuza ngehlele lapho ngejubili labo leminyaka engamashumi amahlanu lePentecostal. Bengizama ukwenza amadeyithi nosomabhizinisi ngale kwenye indawo, ngase ngithi...ngaphendula ifoni ngayibhekisa phezulu, ngathi, “Uyamuzwa ‘uKholwa Kuphela’? Uyazi ukuthi lokho kuchaza ukuthini.” Ngase ngimphendulela kuBilly, ngase ngigijima ngiyophuma ngomnyango. Ngakho a—angazi ukuthi bazophuma kanjani emuva lapho, kodwa ku...Ngikuthanda ngempela ukwehlela eLouisiana, nokho, kulabobantu, labo baseNingizimu abalungile abadala ezansi lapho. Kodwa ke ngifanele ngibe seduze nje ngalawomadeyithi afanayo e—eFlorida, engqungqutheleni yesigodi yosomabhizinisi, futhi kwenza kuthi ukuba l’khunyana uma uzama ukubabophela ndawonye ngomzuzwana nje kanjalo.

² Sonke siyajabula ukuba lapha kulokhu ukusa, futhi siphile na—naphakathi kwalabo abangathi “Amen.” Kunjalo. Manje, ngiyaxolisa ukuthi sonke siminyene phakathi lapha. Futhi uthe abanye babantu bayakhuphuka base nje beshayela bemuka. Kodwa si...Kungokungcono ukwedlula konke nje esingakwenza nge—ngesikhathi. Ni—niyaqonda, ngineqiniso. Uxolo. Nizwa kangcono nga *lona* noma nga *lona* na? *Lona* lapha? Kuhle, usondeze nje khona lapha ukuze ngibe seduzane. Lokhu ukuqopha lapha, kulungile, kulungile, mnumzane.

³ Awu, niwujabulele izolo ebusuku na? Ngi...impela simtholile, neNkosi yasibusisa. Nje ezinye izinto eziningi kakhulu ebezingashiwo ngoMlayezo lapho, kodwa ngicabange ukuthi mhlawumbe beningawutadisha, niyazi, futhi nizoqonda, futhi phakathi kwemigqa, ihora esiphila kulo. Sisekupheleni kwesikhathi ngqo. Futhi ngiyakukholwa lokho. Kusobala, wonke umuntu ukucabangile lokho, ngiqagele, selokhu uJesu ethembisa ukubuya. Kodwa, niyazi, ngolunye lwalezizinsuku Uzofika, noma kanjani, niyabo. Ngakho nje angiboni lutho okusasele ukuthi kwenzeke, kuphela ukuhlwithwa kweBandla.

⁴ Manje, ngaphambi nje kokuba sisondele eMlayezweni engiwufunayo kulokhu ukusa, endabeni ethi *Ukubala ngokuhlehla*. Futhi manje si...futhi kulobubusuku, khumbulani inkonzo yakulobubusuku manje, ithi *Ukuhlala EBukhloneni baKhe*. Niyabo? Futhi sizozama ukushesha, sijahe, ukuze nikwazi ukuhamba ukuze sikwazi ukuya emsebenzini futhi wangoMsombuluko ekuseni. Futhi siyabonga ngani nonke. Angazi nje ukuthi besizokwenzenjani, ukuthi

bengizokwenzenjani ngaphandle kwenu. Bengingeke nje—bengingeke nje ngaqhubeka ngaphandle kwenu.

⁵ Futhi ngifuna ukunikeza ukubonga okuyisipesheli kulowoDadewethu Williams, ngiqagele angimazi ngisho ukumazi owesifazane. Ngenkathi ngenyuka kulokhu ukusa, wo, uMfowethu Charlie Cox ube lapho, ne—nesi—sitebhisi esisemnyango besihlezi sigcwele ukudla, izimpahla ezifakwe emathinini nezinto. Kufanele ukuthi lowo wesifazane omncane ozihluphekelayo, ufanele ukuthi ujulukile kulelihlobo, efaka emathinini leyompahla, otamatisi nezinto zokudla. Manje, lokho kusho lukhulu kimi. Futhi Dadewethu Williams, ngikholwa ukuthi bashiye iBhayibheli lakho lapho ukuba likhulekelwe, bathi kukhulekwe ukuthi uNkulunkulu uzo...Ngikhulekile kulokhu ukusa ekamelweni ngenkathi ngitadishela uMlayezo, ukuthi uNkulunkulu uzothatha ingqikithi yaleloBhayibheli bese eyibeka enhliziyweni yakho. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokubusisa. Ngifisa sengathi bengingakukhokhela ngalokho, dade. Ngiyazi ukuthi wedule kokuninginingi ngempela ukuba ukujulukele lokho. Futhi ngiyakubonga kakhulu impela! Kuncane kakhulu ukusho, kodwa, ake ngikunike umBhalo lapho esazi khona, njengoba ngishilo izolo ebusuku, ongeke wehluleke. UJesu wathi, “Lokhu enikwenzile kwabancane,” nalokho kungaba ngukuthi, niyabo, “abancane balaba abancinyane baMi, nikwenzile kiMi.” Futhi kwangathi kungabuyela kuwe ngayo nje indlela obekuyoba ngayo ukuba ubuyokunikela ezandleni zaKhe ngqo. UNkulunkulu akubusise ngalokho.

⁶ Ngiyanibonga nonke. Uma nilapha. Ngithola ukuthi i—i okwezishumi nezinto enizikhokhayo, lokho ngukwesethemba kwenu, ukuthi kuzoya kokoMbuso kaNkulunkulu. Manje, sinesibopho salokho, niyabo, futhi sifanele silande ngakho. Ngakho sifuna ukubhekisisa yonke into esiyenzayo, ukwenza wonke umnyakazo ngokuphelele nje ngakho konke esingakwenza, indlela iNkosi yethu ebingakufuna ngayo, ngoba asazi ukuthi sikhathi sini Ezosibiza ngaso ukuba siphendule bese silanda ngakho konke okufika endleleni yethu.

⁷ Yingalesosizathu engicabanga ukuthi uPawulu, izolo ebusuku, wayenebhantshi elilodwa kuphela. Niyabo? Wayengaba namaningi, kodwa wayengenawo. Yilelobhantshi kuphela ayekwazi ukulisebenzisa ngesikhathi esisodwa, ngakho waligcina nje lelo. Manje, angicabangi ukuthi wayezikhathalele izingcebo zezwe angicabangi ukuthi wayekukhathalele ukuthandwa ngabantu niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, wonke umuntu beseminyakazweni yabo emikhulu yezenkolo njengoba kunjalo namhlanje. Futhi abantu abaningi kakhulu . . .

⁸ Ngiyazi lokhu kuyateyishwa. Futhi uma ngisho izinto lapha, ngiyaqonda ukuthi angikhulumi kulelibandla kuphela, kodwa emhlabeni wonke. Futhi ngi...Ngoba lamateyipu

aphuma aye ezizweni eziningi, ningi futhi bawathatha ngisho nasemuva ezizwaneni zaseAfrika, emuva phakathi lapho, bese behlala lapho, nomfundisi ayithathe bese ewahumusha lawomateyipu kubantu, emuva phakathi lapho bengazi khona ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele. Niyabo? Emuva le eAustralia nalapho lapho abantu be—bekhona. Ngisho aba... Into kuphela abayidlayo yi... Indlela abathola ngayo ushukela ngukuthatha igobolondo elincane bese bema bakhiphe isixheke sezintuthwane bese beziluma ingemuva lazo balisuse kancane kanjalo. Baphila kanjalo-ke ekutholeni ushukela wabo. Futhi abanakho okokwembatha, abanalutho. Bathatha inyamazane endala ikhangaru bese beyiphosa emlilweni ezangaphakathi kuyo, amathumbu nayo yonke into, bese bethi ukukuhangula kancane bese-ke beyakudla. Futhi lokho kuyilokho, kubi kabi. Futhi khumbulani, lamateyipu abuye adlalwe phakathi lapho. Umlayezo eniwulalele lapha ubuye udlalwe phakathi lapho ngamakhulu amamishinari ethatha lamateyipu abuye awadlale phakathi lapho, bese eWuhumusha kubantu. Ngakho, niyabo, uma ngifika lapho ngosuku lokwaHlulela, niyabona ukuthi yini eyobe ihlezi phezu kwamahlombe ami na? Uma-ke kukhona engimdukisayo? Niyabo? Nakho lapho okhona. Cabanga nje ngomunye waleyomiphefumulo, futhi uma ngibadukisa baye entweni eyiphutha.

⁹ Ngakho-ke ngifanele ngimuzwe umfowethu kulezizinhlangano. Nabaningi babo bayindoda anomoya omuhle, iningi labo, ngiyajabula ngalokho. Kodwa abanye babo baba kakhulu yi... futhi ngokwejwayelekile abaholi kufika endaweni lapho befanele babophe kahle futhi bakwenze njengo, o, njengodaba lwezombusazwe. Badlala ezombusazwe kulo. Futhi, kulokho, bayachezuka eZwini likaNkulunkulu.

¹⁰ Futhi ngifanele ngilokhu ngihlezi eZwini. Ngi—ngifanele ngihlale lapha. Futhi nje kufanele kuhlale kulokhu. Futhi ngi—ngi—ngifanele nje ngihambe nakho, yilokho kuphela. Ngakho, futhi si... Niyazi, nje sicula iculo elincane, “Sintanta sehla ngomfundlana wesikhathi, asinaso isikhathi eside sokuhlala.” Nilizwile. “Amafu anesichotho obumnyama ayophendukela ezinsukwini ezikhanya kakhulu.” Kunjalo. “Sonke masiqunge isibindi, ngokuba asishiyiwe sodwa.” Kunjalo. “Isikebhe sokuPhila masinya sizofika ukuqoqa amaGugu aye eKhaya.” Leso yisikhathi lapho engiyobe ngibheke ngaso-ke ukuba nebhantshi elingasozwe laguga, yilokho-ke, elaPhakade. Futhi ngifanele ngethembeke kuNkulunkulu, nginganaki-zinto lapha emhlabeni, size sifike lapho. Khona-ke sizo... yilelo elizohlala isikhathi eside.

¹¹ Ngakho mina, kulamashumi amathathu... ngiqhubeka iminyaka engamashumi amathathu-nambili yenkonzo, ngizamile ukuhlala ngokwethembeka eZwini. Angazi neyodwa

into esengake ngaba nayo yokushintsha kulo, ngoba ngakufunda nje eBhayibhelini, ngasho khona nje iBhayibheli elakushoyo, futhi ngikudedele kuhambe kanjalo. Futhi ngakho angikaze ngibuyisele emuva noma ngiphinde ngilungise, ngoba nje ngakusho ngayo indlela iBhayibheli elikusho ngayo. Futhi, ngithola ukuthi, uma uNkulunkulu ekhulume noma yini, khona-ke sifanele sihambe naleloZwi ukuze siLenze ukuba ligewaliseke. Sikubonile lokho, njengoba nginitshelile izolo ebusuku, ngombono maduzane nje, niyabo, ukuthi ku... Ngangifanele ngibe lapho, futhi ngexwayiswa ukuba ngibe lapho, futhi ngitshelwa kusasele izinyanga eziyisithupha ukuba ngibe kuleyondawana, futhi ngimi lapho futhi kuthiwa, "Yehlela lapho" (kathathu) "kanye nabo." Futhi ngaqhubeka nje namanye amadoda. Nombono wedlula impela ngqo. Ingxenyane kaNkulunkulu, futhi ngashiywa ngimile. Ngakho sifuna ukukhumbula, ufanele uhlale eZwini, hlala neZwi ngqo. Futhi lapho iZwi liholela khona, hamba neZwi ngqo, khona-ke Lizokukhipha kahle, ngineqiniso.

¹² Manje, ngiyazi ukuthi kade nilapha kusukela ngelesishiyagalombili nqo, futhi mhlampe sekungeleshumi nqo khona manje. Yilo. Ngakho asikhuleke manje eNkosini yethu. Ngabe zikhona izicelo eziyizipesheli na? Ngibona inqwaba yamaduku ibekwe lapha. Phakamisani izandla zenu mayelana nezicelo. UNkulunkulu anibusise. Manje U...SengiMaze isikhathi eside ngokwenele ukwazi lokhu, ukuthi Uzibona zonke izandla futhi wazi zonke izinhliziyu, futhi into kuphela esele ukuba yenziwe ngukucela Yena nje. Futhi nikukholwe futhi kuyenzeka. Manje kholwani njengoba sikhuleka.

¹³ Baba waseZulwini, manje sisondela esiHlalweni esikhulu esinamandla sobukhosi sikaNkulunkulu, njengezidalwa ezisazokufa emzimbeni wemvelo, nokho amaphimbo ethu ekhuluma kuzwakala amazwi okuzofika kulesosiHlalo sobukhosi esikhulu ndawondawo kwamanye amazinga lapho uNkulunkulu ehlala khona. Ngoba, uJesu wathi, "Celani noma yini kuBaba eGameni laMi, Ngolwenza." Futhi Wasicela ukuba singangabazi, kodwa, nxa sikhuleka, ukuba sikholelwe ukuthi siyakwemukela lokho esikucelayo futhi siyakuphiwa khona. Wathi, "Ngisho beningathi kulentaba, 'Suka,' futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholelwe ukuthi enikushilo kuzofezeka, futhi ningaba nakho enikushilo." Baba, siyazi ukuthi lokho kuqinisele ngempela. Sikubhekisisa usuku ngosuku, futhi akukho cala eZwini laKho. Kuyingoba singeke saba sendaweni, ngezinye izikhathi ukukholwa kwethu ngeke kwasikhuphulela lapho, singena ezingxakini futhi singabaze. Kodwa, kulokhu ukusa, sizama ukuza, Nkosi, nethemba elisha, sibambebele entanjeni yokuphila kaKristu nesithembiso saKhe. Futhi siyeza sizongena eBukhoneni bukaNkulunkulu ngeGama likaJesu.

¹⁴ Nkosi, ngineqiniso ukuthi Uzazi zonke izicelo esaziswe phansi kwesandla kulokhu ukusa esiphakanyisiwe. Nesami siphakanyisiwe, futhi kukuWe njalonjalo, Nkosi, ngoba ngingumuntu odingayo. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzosipha zonke izicelo. Zibuke, Nkosi, bese uphendula izicelo zabo, kusukela komncane kunabo bonke kuya komdala, kusukela kwesincane sezicelo kuya esicelweni esikhulu kunazo zonke. Manje-ke, Baba, ziphendule, zonke. Ngikucela eGameni likaJesu. Bese-ke ukhumbula esami, Nkosi.

¹⁵ Futhi ngiyakhuleka futhi ngiyaKubonga ngokusipha ukuphumula okuhle emizimbeni yethu, nangolwazi esinalo lweZwi laKho, nokuqonda esinakho kukaMoya, futhi sikhuleka njalonjalo ukuthi Uzosipha ukuqonda okukhulu ukwedlula okunye ukuze singabi abayize, abantu abakhukhumele ngakho, kodwa abantu abathobile, ukuze uMoya oNgcwele ukwazi ukusisebenzisa ekugcwaliseni kweZwi likaNkulunkulu, nokusibeka ngokwendawo eyiyonayona lapho esidinga ukuba khona ngalelihora. Ngokuba sifanele ukuba sendaweni efanele ukuze kwenzeke. Futhi sifuna ukubakhona, Nkosi. Uma kuyinkosikazi yekhaya emva kwetafula, uma kungeyendoda yase—sefektri nesikulufu esandleni sayo, nobufakazi, uma kungeyomfundisi epulpiti, noma idikoni noma umphatheli, noma eyomntwana esikoleni, ibhungu netshitshi ekuxoxisaneni eklasini, noma ngabe yikuphi, Nkosi, masibe lapho ngesikhathi esifanele. Ngokuba siyazi ukuthi Wena wakwethembisa, futhi kuzokwenzeka ngoba Wena washo njalo, futhi, ngani, ngukukholwa kwethu okwakhiwe lapho.

¹⁶ Manje, Nkosi, siyezwa ukuthi asinaso isikhathi eside kakhulu. Isikhathi siyeza, futhi singayizwa inkungu evela emkhathini ongaphandle lapho ingena. Siyazi ukuthi ukwahlulela nolaka lukaNkulunkulu sekulungele ukwehla. Singazizwa izenzeko zakho vele. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Wena uzosisiza.

¹⁷ Futhi manje ngisize, Nkosi, kulomlayezo omncane kulokhu ukusa, othi awube yimizuzu engamashumi amathathu, othiwa *Ukubala ngokuhlehla*. Sisize, Nkosi, ukuba siqonde khona lapho esikhona.

¹⁸ Futhi singwelise manje, Nkosi, ususa izono zethu neziphambeko. Futhi kwangathi kungebekho noyedwa umuntu lapha kulokhu ukusa, olahlekayo, kwangathi wonke umuntu angabe eselungele, ukuba kuleyondingilizi enkulu uma sesihlangana ngaphesheya. Lapho amagama esebizwa, kwangathi ngingezwa igama negama, “likhona.” Yilokho esikufunayo, Nkosi. Nabadala bayoba basha lapho kuze kube-phakade, siguqulwe ngesikhashanyana, sibe ngaba ngasayikufa, siyoma ekufaneni naYe, ilanga nezinkanyezi ukudlula ukukhanya, njengoba uDanyeli wathi, “Labo abaphendulele abaningi ekulungeni bayokhanya njengezinkanyezi kuze kube-

phakade.” Kodwa siyezwa ukuthi Wena wathini kumprofethi, “Hamba, Danyeli, ngokuba uyakuphumula esabelweni sakho, kodwa ngalolosuku uyoma.”

¹⁹ O Nkulunkulu, masibalwe njengabafanele ngeGazi likaJesu, akukho okusifanele ukuzibonga ngokwethu esikushoyo, kodwa okufanele ukuzibonga kwaKhe kwangathi singafanela ukuma ngalolosuku njengoba sivuma iphutha lethu futhi sifise ukuma ekulungeni kwaKhe, nomprofethi omkhulu uDanyeli nabo bonke labo abayoma nxa kunikezwa imivuzo. Kuze kube yilesosikhathi, Nkosi, senze amathuluzi esandleni saKho. Yenza izindlebe zethu zibe amathuluzi kulokhu ukusa okuzwa iZwi. Yenza izindebe zami zibe amathuluzi okuLikhuluma. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, futhi kwangathi ukuqonda kwethu kungaqonda intando kaNkulunkulu. Amen.

²⁰ Kul’khuni kabi ukuthola ukuthi kuqalwe. Kubukeka sengathi kukhona okuningi kakhulu obungakusho no—nofuna ukukusho, futhi kubukeka sengathi sincane kanjalo isikhathi sokukusho. Mhlawumbe ngaphambi kokuba ngi—ngisuke. Ngishilo izolo ebusuku, singahle sithole ithuba lo—lokuba mhlawumbe sibe kwenye yezincwadi zeBhayibheli, kulekwindla noma ubusika, ngaphambi kokusuka. Ngihambe, ngifuna ukuya phesheya kwezilwandle, iNkosi ithanda, emva kukaKhisimuzi impela ngesinye isikhathi.

²¹ Manje ngifisa ukuba niphenye kulokhu ukusa okokuba kufundwe, kumaHeberu isahluko 11. Futhi manje lalelisani impela ekufundeni. Ngifuna uku—ukugcizelela evesini 3.

Kepha ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.

Ngokuba okhokho bafakazelwa ngakho.

Ngokukholwa siqonda ukuthi amazwe adatshulwa ngeZwi likaNkulunkulu, kuze kuthi okubonwayo akuvelanga kokubonwayo.

²² Manje, lolo wuhlobo lwendikimba eyinqaba yesendlalelo sendikimba engi—ngifuna ukuyisebenzisa. Izinto azenziwanga ngezinto ezibonwayo. Manje ngifuna ukusebenzisa lendaba kulokhu ukusa, *Ukubala ngokuhlehla*, ngoba ngifuna ukwenza o—okuhambisanayo ngendlela yesiprofetho. Izolo ebusuku bengifuna ukufundisa kancane emBhalweni; kulokhu ukusa umlayezo wesiprofetho; nakulobubusuku umlayezo wokuvangela.

²³ Manje, izinto ezenziwa ngezinto ezingabonwayo. Manje, ngifundile kuyo yonke leminyaka ukuthi zonke izinto ezingezemvelo ziyizifanekiso zezinto zikamoya, konke okukokwemvelo. Futhi manje khumbulani nje, ukuthi uma nibona noma yini kokwemvelo, kufanekisa into yokomoya. Niyabo? Zonke izinto zenziwa ngezinto ezingabonwayo. Niyabo, okwemvelo-ke kubonise okomoya.

²⁴ Manje, njengoba bengitadisha ezinsukwini ezimbalwa ezedule, futhi ngikholwa ukuthi ngike ngakuphatha izolo ebusuku, kancane, ukuthi bengifunda lapho... noma ngizwa emsakazweni, ngingena ngivela eCanada, ngokuthi lapho udokotela lapha eUnited States waye—wayenze isitatimende ukuthi “umuntu wayeneminyaka eyizigidi eziyishumi nane ngenguquququko yempilo yomuntu.” Bagubha bakhapha ithambo ngale eItaly, ngo 1800, ndawondawo ngawo 1800, ukuthi lelithambo lalifanele ukuba yithambo lomuntu elalikade li... lingahle libe... Besakwenza, ukuba basho ukuthi lalilidala kangakanani, nalodokotela njengendoda endala futhi ubeke yonke impilo yakhe ekutadisheni ngalelithambo. Futhi uthi, “Lelithambo yithambo lomuntu elidala ngeminyaka eyizigidi eziyishumi nane.”

²⁵ Manje, kungumbhedo kanjani nje lokho! Ukuthi umuntu uyintshinge kanjani impilo yakhe ngeze, ezama ukufakazisa ngokuphambana neZwi likaNkulunkulu, futhi akanalutho kuphela nje i—isiphetho esingenakuphela kukho. Futhi noma ubani uyazi ukuthi uma ubungambela ithambo emhlabathini, phakathi neminyaka engamashumi amabili lelothambo liyajika. Phakathi neminyaka eyikhulu lelothambo cishe alisekho, nje izicucu zalo, futhi akunandaba ukuthi simo sini obungalifaka kuso. Niyabo? Bese kuthi-ke phakathi neminyaka eyinkulungwane beliyoba yini lelothambo, iminyaka engamakhulu ayishumi na? Awu, bekungaba yini okuphindwe kashumi kwalokho, kube yisigidi esisodwa na? Manje-ke kuphindwe kashumi nane lesigidi. O, he! Nje ku... Akusile ngisho nasemqondweni ngisho ukucabanga ngento enjalo. Ithambo belingeke lahlala iminyaka eyizigidi eziyishumi nane phansi kwanoma yisiphi isimo. Noma ubani uyakwazi lokho. Angahle ukuba wacoshwa into ethize eyayibukeka ifana nethambo noma eny’into. Futhi-ke babengakusho kanjani kahle ukuthi lalilidala ngeminyaka eyizigidi eziyishumi nane na? Niyabo? Empeleni, uNkulunkulu wenza umuntu emhlabeni eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha eyedlula, nalokho kuqeda konke.

²⁶ Omunye wayekuxoxa nami esikhathini esithize esedule, komunye womhlangano wami. Ngangikhuluma ngenguquququko yempilo yomuntu, futhi wathi wayeneminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha kuphela ubudala. Nalomuntu wathi, “Awu, Mfowethu Branham, singakufakazisa ukuthi izwe lidala ngezigidi zeminyaka. Ngakho into okhuluma ngayo, ninephutha nonke.”

Ngathi, “Awulikholwa iBhayibheli na?”

Wathi, “Ngiyakholwa ukuthi umuntu wabhala iBhayibheli.”

²⁷ Ngase ngithi, “Qiniso isandla somuntu sabumba izinhlamvu zamagama, kodwa uMoya oNgcwele wawusemva kwesandla.

Niyabo, sabumba inhlamvu yegama, ngoba iBhayibheli lasho njalo.”

²⁸ Kodwa wathi, “Awu, lapho—lapho, ufanele uvume ukuthi banephutha ezweni.”

Ngathi, “iBhayibheli alikaze libe nephutha, alikaze libe nephutha.”

²⁹ Wathi, “Awu, ezweni,” wathi, “kwakuyilo, ungazibona izintaba ukuthi zafuqwa kanjani kwintabamlilo.”

Ngathi, “Kodwa uvele nje. . .”

Wathi, “Futhi uNkulunkulu wenza lelozwe ngezinsuku eziyisithupha.”

³⁰ Ngathi, “Manje, iBhayibheli alikushongo lokho. Niyabo, ucabange nje ukuthi lakusho.” Ngathi, “Ake nje sibuyele emuva manje ukuba sixazulule impikiswano yakho. Isahluko 1 sikaGenesisi, sathi, ‘Ekuqaleni uNkulunkulu wadala amazulu nomhlaba.’ Isikhathi! Ukuthi Wayekwenza isikhathi esingakanani, angazi. Akasitshelanga. Kodwa, ‘Ekuqaleni uNkulunkulu wadala amazulu nomhlaba.’ Isikhathi! Kwasekuthi, ‘Izwe lalize.’” Kungaleyonkathi-ke uNkulunkulu aqala khona ukuwusebenzisa. Niyabo? Ngakho bashaya bakhipe ubuchopho babo ngeze nje. Niyabo? Niyabo?

³¹ UNkulunkulu wenza izwe. Angahle ukuba wayeneminyaka eyizigidigidikazi zezigidigidikazi elenza; angazi ukuthi Waba kade kangakanani, kodwa Walenza. Futhi Akashongo ukuthi Waba kade kangakanani, futhi akumsebenzi wethu ukuthi kwaba kade kangakanani. Wathi nje, “Ekuqaleni uNkulunkulu wadala amazulu nomhlaba.” Isikhathi! Lokho kuyakuzazulula. Yilokho kuphela okwalo. Ukuthi Wayekwenza kade kangakanani, lokho ku. . .Kodwa-ke okudaliweyo sekuqala-ke ukuvumbuka manje ngesinye isikhathi, lapho Eqala.

³² Futhi ngiyakholwa, ukuthi phakathi lapho, ukuthi yonke into emhlabeni ibonisa iZulu. Ngiyakukholwa lokho. Ngenxa yokuthi nibona zonke izinto zizabalazela ukuphila yingenxa yokuthi kukhona ukuphila okuboniswa kukho. Futhi ngikholwa ukuthi ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu, Waqala ukubonisa izinto ezincanyana njengempilo yesilwane nje, kwase kuthi-ke into elandelayo Ayidalayo kwaba yinto ehlukile. Yileyondlela impela nje iBhayibheli elithi Wakwenza ngayo. Wenza kuqala imithi nempilo yezithombo, wase Enza umuntu. Kwase kuthi-ke into yokugcina eyake yavela emhlabeni esimweni sokudaliweyo kwaba ngumuntu, ayikho into ephakeme kunayo eyake yavela. Ngoba ngani na? Kwakuyisiboniso esiphelele somkhulu kunabo bonke eZulwini, okungukuthi, uNkulunkulu unguMuntu. Niyabo? UNkulunkulu unguMuntu, ngakho ngakho-ke kuyakufakazisa. Futhi lapho uNkulunkulu ehla ukuzokwakha phakathi kwethu, WayenguMuntu. Niyabo? UMuntu, ngakho

kukhombisa ukuthi ukuphelela kwenguqunguquko yempilo kwakunguNkulunkulu, onguMuntu.

³³ Bese-ke uthatha umuthi, (uthatha utshani kanjalonjalo), uthatha umuthi, ubonisa uMuthi wokuPhila oseZulwini. Zonke lezizinto zizabalazela ukuphelela. Nayo yonke into kokwemvelo, njengoba amaHeberu esho lapha, yenziwa ngezinto ezingabonwayo. Ngamany'amazwi, zingaphezu kwemvelo. Nokungaphezu kwemvelo kubonisa okwemvelo. Niyabo? Manje, kwase kuthi-ke okwemvelo kwakuPhakade, noma kuzoba ngokungunaphakade kanye nokungaphezu kwemvelo, kodwa isono saphendukezela okwemvelo. Ngakho, futhi uma lokho kunjalo, engikholwa ukuthi kunjalo, khona-ke yonke into eyenzekayo emhlabeni iyisifanekiso sezinto zokomoya eyenzekayo. Niyabo? Kufanele kubonise into ethize, ukuzuza ngempumelelo komuntu.

³⁴ Manje, siyathola, njengomzimba wemvelo, nanku umzimba wemvelo, nomzimba wenziwa ukuba ukwazi ukuzizala futhi, okwakungabantwana. Futhi manje umzimba wemvelo, ekuzalweni ngokwemvelo kwengane, sithola ukuthi into yokuqala ephumayo amanzi, bese kuba yigazi, bese kuba ukuphila. Siyathola emzimbeni wokomoya kaKristu, into yokuqala amanzi, neGazi, nokuPhila; ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Niyabona ukuthi kubonisa kanjani, zonke izinto zokwemvelo zibonisa izinto zokomoya. Ukuzalwa ngokwemvelo.

³⁵ Sithatha, isibonelo nje, umshado wobunye. Sithola ukuthi, umshado; sithola ukuqomisa, nezivumelwano, bese-ke kuba ngumshado. Manje-ke usezinzile ngaso sonke isikhathi. Manje, lokho kuyinto efanayo okuyiyo ngoKristu neBandla. Niyabo? Ukuqomisa, uNkulunkulu ebiza ezinhliziyweni zethu; siyazinikela; umgubho womshado, noMlobokazi uthatha iGama loMyeni. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Nakho, lokho kwenza uMlobokazi. Manje, njalo umlobokazi uthatha igama lomyeni.

³⁶ Ziningi kakhulu izinto ebesingakhuluma ngazo lapha. Nginohlu olubhalwe phansi lapha olungithatha amahora amabili ukuluqeda, cishe, nemiBhalo ukwesekela lokhu, njengokuthi uma ufuna eminye yayo lapha ukukwesekela. NjengoJohane I 5:7, kukhombisa ukuzalwa kwemvelo nokomoya, kanjalonjalo, “amanzi, iGazi, noMoya.” Nabathathu eZulwini, “uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” laba abathathu bamunye. Bathathu abavumelanayo emhlabeni, abamunye, kodwa bavumelana entweni yinye, emhlabeni, lawo “amanzi, iGazi, noMoya.” Niyabo, “amanzi, iGazi, noMoya,” njengokuzalwa kokwemvelo kuyakufanekisa.

³⁷ Ngakho uma umuntu ehlezi emcabangweni wokuthi “ukulungisiswa nje yilokho kuphela ofanele ube nakho,” unephutha, iphutha. Ufanele abe nephutha. Bese kuthi-ke

uma ibandla elikholwa njengamaningi amaPentecostal, ukuthi uMoya oNgcwele yikho, “yilokho kuphela, phenduka nje bese uthola uMoya oNgcwele,” lokho kusalokhu kuyiphutha, ngoba ufanele uthole ukungcweliswa phakathi lapho ukukuhlanza ngaphambi kokuba uMoya oNgcwele angene. Uma ungakwenzi, ushiya ngaphandle iGazi. Niyabo? NokuZalwa okusha, njengoba abantu ekhuluma ngokuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ungukuZalwa okusha. Manje, lokho kuyiphutha. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wehlukile ekuZalweni okusha. UkuZalwa okusha kungenkathi uphinduzalwa. Kodwa uMoya oNgcwele kungenkathi amandla engena kulokho kuZalwa kwenzelwa inkonzo. Kunjalo impela. Niyabo? UMoya oNgcwele u. . . ubhaphathizelwe kuMoya oNgcwele.

³⁸ UkuZalwa okusha, unokuZalwa okusha ngokukholwa eNkosini uJesu Kristu. Niyabo? Ngokuba nokukholwa futhi wemukela Yena njengoMsindisi wakho, lokho ngukuzalwa, niyabo, ngoba wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Manje, uma ufuna ukukwesekela lokho, thatha uJohane oNgc. 5:24, “Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade.” Niyabo, unokuPhila ngoba uyakholwa. Naleloqembu elifanayo lalifanele liye ePentekoste ukuba libhaphathizwe ngoMoya oNgcwele. Impela.

³⁹ UMoya oNgcwele ungamandla kwenzelwa inkonzo. Ngakho uma sikhuluma sengathi ufanele uzalwe futhi, futhi sibhekisele lokho kuMoya oNgcwele, abanengi bamaMethodisti kanjalonjalo banephutha lapho. Ngeke kwabanjalo. Ngeke nje kwahambisana nomBhalo lapha. Uthola into itshekele eceleni. Kufanele kukuthathe ngendlela umBhalo okweneke ngayo lapha. Niyabo? NoMoya oNgcwele uyi. . .”Niyakwamukeliswa ukuZalwa okusha emva kwalokhu na”? Ini? Qhabo. “Niyakwamukeliswa amandla” (iZenzo 1:8) “kulokhu uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu.” Niyabo? Futhi base bevele bekholiwe ekuPhileni okuPhakade, kanjalonjalo, kodwa babefanele babe noMoya oNgcwele ukuba babenamandla. “Niyakuba ngofakazi kiMi uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu,” ngoba uMoya oNgcwele ungufakazi wokuvuka, ukhombisa ukuthi usube mdala kuKristu.

⁴⁰ Manje, okwemvelo. Zonke izinto zokomoya, zonke izenzeko kanjalonjalo kufanekisa, noma kufanekisa okungaphezu kwemvelo, noma o—okwemvelo kuyisifanekiso sokungaphezu kwemvelo.

⁴¹ Manje, ngaya eMbukisweni woMhlaba ngenkathi siseduze kwayo impela phezulu sisondele kuyo eSpokane, futhi ngacabanga ukuthi ngizothatha umndeni.

⁴² Ngoba ngake ngaya kowodwa kuphela uMbukiso woMhlaba eUnited States, futhi yingaleyonkathi owawungayo eChicago, eminyakeni eyedlula, uHope nami senyuka. Futhi asitholanga

ukuthi sihlale lapho kodwa cishe usuku olulodwa, abakhuthuzi, nakho konke. Wayenopini umzala wami amupha wona, nami ngihamba ngokulinganisana ngqo eceleni kwakhe, omunye wawumonyula upini. Nje...kwakwesabisa nje. Futhi ngakho nga...Sahlala usuku olulodwa sase sibuya.

⁴³ Kodwa uMbukiso woMhlaba, ngangithathe umndeni ngase ngiwelela khona. Wawungengaphezu koMbukiso waseLouisville khona ngapha. Niyibonile iNalithi yoMkhathi ababekhuluma ngayo, kwakungelutho olunye kuphela ukuya ngapha e Elsley Build-...noma iBrown Building noma kwenye indawo, bese wenyuka cishe ukugibela kasishiyagalombili noma kayishumi ekhesheni bese uyehla. Kwakuyilokho-ke. Futhi ngicabanga ukuthi uGeneral Electric nguye owayenalokho lapho. Kodwa kwakukhona into eyodwa eyayigqamile kimi. Manje, iJalimane babenombukiso wabo, iRashiya nazo zonke ezinye izizwe zazinawo, ngoba nguMbukiso woMhlaba. AmaJalimane, iFransi, naleyomibukiso emincane yayingenkulu kakhulu indawo kunoma lelipulpiti lingaba khona lapha.

⁴⁴ Kodwa ososayense babenokuzuzisa ngempumelelo yabo, nento enkulu ababe-ababesebenzela kuyo, kwakungukusetshenziswa kogwayi. Futhi uma noma yimuphi umuntu obhema osikilidi wayesehamba wayongena lapho, bese ephuma bese ebhema futhi, kukhona okungalingile engqondweni yomuntu. Ngenkathi ngibabona ngawami uqobo amehlo bethatha usikilidi futhi bawufake emshinini, bese bedonsa intuthu kagwayi lapho bese beyiphafuza yedlule eshubhini lamakhemikhali, nomdlavuzisa omhlophe nje wawugewe kulo, ngosikilidi owodwa. Wayesethi-ke, “Abantu abaningi bathi, laba bomhlaba jikelele, ukuzuzisa ngempumelelo ephakeme kunayo yonke kuwo,” bathi, “abantu abaningi bathi, ‘Angiyigwinyi.’” Nososayense bathatha usikilidi yena uqobo wase ephafuzela intuthu yawo emlonyeni wakhe, engawukhiphi ngamakhala akhe, noma kambe bayehlisela emaphashini abo, kodwa nje eyifaka emlonyeni wakhe wase-ke eyifuthela kumakhemikhali afanayo, kwakungekho-mdlavuzisa kuwo. Wathi, “Uyephi na? Emlonyeni wami. Uma ngiyigwinya, ihamba iyongena esiswini, kusobala.” Wathi, “Manje...”

⁴⁵ Kwase kufika umcabango, “Kungani odokotela bathi osikilidi abanangozi na?”

⁴⁶ Wathi, “Noma yimuphi umuntu oyothengisa ngobuzibulo bakhe! Udokotela owenza isitatimende esinjalo angathatha umhlalaphansi, ngoba lezozinkampani zikasikilidi ziyomnika eyenele ukuba athathe umhlalaphansi ngayo.” Eqinisweni uthengisa ngobuzibulo bakhe, ngoba wafunga ukuba angayenzi into enjengaleyo. Kodwa bayakwenza noma kanjani.

⁴⁷ Wayesethi, “Nakhu okomshini manje. Sizofakazisa kiny ngenzuzo yempumelelo yesanse.” Futhi babenoYul Brynner,

niyazi, ingcweti yamabhayisikobho phakathi lapho. Lokho, futhi ngenkathi leyophasela encanyana yenjimbilili kagwayi, wathi, “Manje nithi ‘izihloko zehluzo.’” Wathi, “Umuntu owenza lokho, ukhombisa isimo sakhe sengqondo nje. Ngokuba uma ungenantuthu, awunatiyela, netiyela lenza intuthu. Futhi uma ubhema usikilidi onezihloko zehluzo,” wathi, “kuyothatha cishe abathathu noma abane ukwenelisa lo owodwa womunye, ngoba bathatha nje elikhulu kakhulu itiyela ukwenelisa.” Uma ungatholi-ntuthu, akukho-tiyela. Kufanele kube netiyela ukuba kube nentuthu. Ngakho yilokho-ke. Wathi, “Bhema, uma uzowubhema, bhema lo ongenaso isihloko kuwo. Usikilidi owodwa nje uyokwenelisa lapho okuthatha khona abathathu babanye, ngoba udonsa elincane kakhulu lalotiyela.”

⁴⁸ Yiqhinga lokudayisa! Yilokho isizwe esigcwele khona amaqhinga okudayisa, nokungcola nakho konke okunye.

⁴⁹ Futhi lapho kwase kuthi-ke wathatha lokho wayesekhombisa ukuthi libambeke kanjani iphasela elincane elilodwa emphinjeni noma emaphashini. Futhi kuqala kumhlophe, bese kujika kube phinki, bese kuthi ebuphinkini kujike kube phephuli. Izinhlayiya—izinhlayiya zengqamuzana elincane zazibukeka zinkulu *kangako* ngeglesi, kodwa, kusobala, wawungathatha iglasi enamandla ngisho ukubona ingqamuzana. Wayesethi-ke, “Uma kujika kuba phephuli, unomdlavuza.” Wathi, “Umuntu oyobhema elilodwa ipaki losikilidi ngelanga unelinye ithuba elikhulu elingamapesente angamashumi ayisikhombisa lokubulawa ngumdlavuza kunomuntu ongawubhemi.” Futhi kubonakala kungubuthutha ukuthatha ithuba elinjalo.

⁵⁰ Manje, wayese-ke ethatha enye into wayesekufakazisa, wakhapha igundwane elimhlophe. Wayesethatha usikilidi wase ewufaka emshinini, wase ewudonsa wedlula ohlobweni lwento ethize njengemabula emhlophe, wayesethatha i—indwangu yokumunca, wayesethatha injimbilili eyayiphuma kusikilidi owodwa wase eyipenda emhlane wegundwane. Njalo ezinsukwini eziyisikhombisa babenelinye igundwane eliphumayo. Futhi babefanele babenalo ngalinye benzela isifundo sangalelolanga. Bese befaka lelogundwane izinsuku eziyisikhombisa bese belikhapha, umdlavuza wama waphakama *kangako* emhlane wegundwane. Amanye awo awaphili ngisho izinsuku eziyisikhombisa ngaphandle. Igundwane lalingakwazi ukunyakaza. Angidlanga izinsuku ezimbili noma ezintathu, ukubuka leyonto ebukeya kabi, limi lapho linomdlavuza, futhi ugijima wehle ngemilenze yalo nezinto ezinjalo, omkhulukazi ophakeme umdlavuza usuvuvukale cishe waba nguhhafu we-intshi emhlane wegundwane, wenjimbilili ephuma kusikilidi owodwa. Futhi ucabanga ukuthi lokho kuyabayekisa na? Umfo omkhulu ehlezi eduze kwami lapho, nomjuluko wehla ebusweni bakhe, wathi, “Kuthi ukwethusa, akunjalo na?”

Ngathi, “Uyabhema?”

Wathi, “Yebo, mnumzane. Ngiyabhema.”

⁵¹ Ngathi, “Awu, manje-ke ufanele ukuyeke lokho.” Kodwa yilokho, izinzuzo ngempumelelo, abangakufakazisa ukuthi kuyakwenza.

⁵² Manje, ngabikezela ukuthi izwe limi futhi uma impucuko isekhona, emuva ngesikhathi sokunqatshelwa ngenkathi kwakusekhona inhlawulo enjalo ngokuthengisa ibhodlela lewiski, iyoba ngokuphindwe kayishumi leyonhlawulo ukuthengisa lelopaki losikilidi eminyakeni embalwa kusukela manje, uma impucuko isekhona. Kubi kakhulu ngokuphindwe kayishumi kunewiski. Kunjalo impela. Kungu—kungumbulali, lokho. Futhi ungabatshele abantu ngakho, futhi ababanaki ngisho nakancane. “Ngumshumayeli ongumgingqiki ongewe,” futhi bakuyeke kanjalo. Niyabo, yilokho, abaqapheli.

⁵³ Kodwa, iphuzu lami yileli, izinto zesayense ekwazile ukuzuza ngempumelelo kukho. Babelapho eMbukisweni woMhlaba, bekhombisa ngocwaningo lwesayense lokho isayense ekwazile ukukuzuza ngempumelelo kukho ezintweni zemvelo. Manje, silapha sikhombisa ngocwaningo lukamoya lokho uNkulunkulu akwaze ukukuzuza ngempumelelo kukho nabantu abazokholwa iZwi laKhe. Manje, ukuzuza ngempumelelo ezintweni zesayense, ufanele usebenze ngomkhakha wezesayense. Ukuphumelela ukuzuza ezintweni zikamoya, ufanele usebenze ngemikhakha kamoya. Manje, ucabanga ngalelogudwane elalibukeka lesabeka, elaba njalo, sengathi ngabe nalibona! Ngifisa sengathi nganginesithombe salo, ngisho, ukukhombisa. Ukuba ngangingasithola, ngangiyoba naso, kodwa babengakuvumeli ube naso. Kodwa qaphelani. Kusobala, igundwane laphila nje amanye amahora ambalwa, amanye awo awaphili ngisho izinsuku eziyisikhombisa ngaphandle. Kodwa kucabange nje!

⁵⁴ Nicabanga ukuthi lokho kwabola kwadleka, uboke ubone ukuthi ubukeka kanjani umphefumulo owale iVangeli. Uboke ubuke ukuthi babukeka beyinto esabeka kanjani. Ukuthi udeveli umbamba kanjani umuntu futhi angaphendukezela indodana kaNkulunkulu ingene ekubeni yinto ebukeka yesabeka, njengoba injalo emehlweni kaNkulunkulu. O, ingahle ibe ngamafidi ayisithupha ubude, nezingalo sengathi angazi ukuthi yini, nezinwele ezingamashoba nani, lokho akusho lutho. Kuyingaphakathi lomuntu elihlala isikhathi eside. Ingaphandle liwuthuli, empeleni.

⁵⁵ Ngakho kungukuzuza ngempumelelo, kwase kuthi-ke babekhombisa, benalenalithi yomkhathi nakho konke, abakhombisa ukuthi ukuzuza ngempumelelo kukho, ababekade bekwazile ukukwenza, futhi bechaza konke okwabo kwama atomu kanjalonjalo. Babenesibikezelo salokho iChevrolet eyoba

yikho. IGeneral Motors yayinayo ibukiswa, lokho i . . . kokunye, ekhulwini-minyaka elilandelayo, ukuthi iChevrolet yekhulu-minyaka lamashumi amabili iyobukeka kanjani. Yayibukeka kimi njenge—ngepayipi legesi nehudi phezulu phezulu kwayo. Manje, babekhombisa ukuthi yayizosebenza kanjani futhi iyokokhelwa kanjani ngamandla e atomu nolunye uhlobo lwephiko oluphakama phezulu kolunye futhi lilawule. Lokho kuyoba yi—yinzuzo enkulu.

⁵⁶ Kodwa angazi noma besingabuyela yini emuva emakhasini eNewadi kaNkulunkulu, kulokhu ukusa, futhi sibone ukuthi ibandla liyobukeka kanjani ngalesosikhathi, sibone izinzuzo ngempumelelo uNkulunkulu azenzile. O, ukuthi zikanjani izenzeko njalo kulomhlaba zimele into ethize evela kwenye indawo; kodwa uma ishaya umhlaba ithi ngokweywayelekile esimweni esiphendukezelwe ngoba isezweni lobumnyama nesono. Niyabo? Kodwa manje-ke kukhona ukumelwa kwangeqiniso ezindaweni zikamoya zelinye izinga. Kusukela ekubeni semazingeni amathathu, bese kuthi-ke izinga lesithupha linokumelwa kwalo. Ngijabula kakhulu ngalokho.

⁵⁷ Manje, ake sithathe nje izinzuzo ngempumelelo manje esikwazile ukuzenza eminyakeni edlule embalwa. Manje, asiqale entweni eyenzekile. Ngeke nginhlalise isikhathi eside, iNkosi ithanda, kodwa ngifuna nikubone lokhu ngokushesha. Futhi, o, ngenkathi kufika kimi, ngezwa kuthi angisuke ngindize. Manje qaphelani, manje, eminyakeni embalwa edlule okokuthutha kwakungehashi nekalishana, akukudala kakhulu, kudala. Ngike ngashayela ngijikeleza ngehashi nekalishana, nasesihlalweni sehhashi. Ngisengumfana, ngineminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, ishumi nesithupha, ngangigibela ihhashi, futhi ngangiya edolobheni ngehashi nekalishana, ngishayela ngedlula ngakulo lelisono lapha, umgwaqo onodaka phandle lapho, nexhaphozi lapha ligcwele ukhula oluphakeme ngangendlu, cishe impela, kulo ngehashi nenqola, ngidiliva ubhontshisi omhlophe nezinto ezivela eplazini.

⁵⁸ Manje sengikwedlula ngemoto eyenziwe yaba namandla kakhulu. Umehluko ongaka pho! Usuku lwehhashi nekalishana, bese kuba wusuku lwezimoto.

⁵⁹ Bese-ke kufika usuku lwamabhanoyi, ayesuka emhlabeni aye emoyeni. Manje, uma nizobhekisisa, njengokuqinisekile impela njengoba lokho kuzuza ngempumelelo kwaba ngesayense, uma umuntu ezoba nomqondo kamoya futhi aqonde, kwakumele ukuzuza ngempumelelo yezokuphatha kukaNkulunkulu neBandla laKhe. Manje izinsuku . . .

⁶⁰ Futhi, khumbulani, isithunywa njalo sifika ekupheleni koMlayezo. Siyazi eminyakeni yebandla lapho ukuthi sakuthola kanjani lokho.

⁶¹ Manje, izinsuku zehhashi nekalishana kwakungubani na? Lokho kwakungukuphela konyaka wamaLuthela. Niyabo, izinsuku zehhashi nekalishana. Babekhohlelwa ekulungisisweni. UNkulunkulu eletha iBandla lisuka kubuRoma, ubuKatolika, Walingenisa ekuzuzeni ngempumelelo yokomoya yalo yokuqala, ukuthi, “Abalungileyo bayakuphila ngokukholwa.” Lolo kwakuwusuku lwehhashi nekalishana, lapho bevela e—ukuya ezinsukwini zehhashi nekalishana, futhi zaphela.

⁶² Manje, inzuzo ngempumelelo elandelayo umuntu aba nayo ngendlela yezokuthutha kwakuyimoto. Futhi, niyaqaphela, leyomoto yanda ngaso sonke isikhathi, emandleni ayo.

⁶³ Manje, ekupheleni konyaka kaWesley, wangeniswa yinzuzo ngempumelelo kamoya, ukungcweliswa, okusho ukuthi ibandla laphakama lisuka esimweni esilungisisiwe laya esimweni esingcwelisiwe.

⁶⁴ Manje, ngifuna nikukhumbule lokhu njengoba siqhubeka, ukuthi ibandla elibizwa nge “bandla” alisilo iBandla. IBandla yiBandla, ngokomoya! Amashumi ezinkulungwane aphindwe kazinkulungwane zamaLuthela ajoyina ibandla, awazi noluncu ngokulungisiswa kunoma ingulube yayazi ngesihlalo sehhashi sowesifazane ogibela angagxamalazi. Ba—babengazi lutho ngakho. Nasonyakeni kaWesley, ukuthi amashumi ezinkulungwane ayezisho kanjani ukuthi ayengcwelisiwe, ayengazi noluncu ngamandla angcwelisiyo kaNkulunkulu kunoma—kunoma onogwaja azi ngezicathulo zaseqhweni. Niyabo, babengakwazi ngokoqobo.

⁶⁵ Kodwa kwakukhona abantu abakuzuza ngempumelelo. Haleluya! Niyabona ukuthi ngiqonde kuphi. Wayekhona owayazi ukuthi kwakuchaza ukuthini ukuthi “lungisisiwe” ebusweni bukaNkulunkulu, “ukuba nokuthula noNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu.” Babekhona abanye balawomaLuthela ababethembekile. BaLikholwa. Akunandaba ukuthi ibandla eliKatolika lathini, balikholwa iZwi likaNkulunkulu futhi bama kuLo, ngoba isithunywa salowonyaka sashumayela ukuthi “abalungileyo bayophila ngokukholwa,” futhi babekhohlelwa esimweni esilungisisiwe. Futhi babekwazi ngomusa kaNkulunkulu ukuzuza ngempumelelo ukulungisiswa, babe nokuthula noNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu.

⁶⁶ Manje, siyaqaphela futhi, kwase kufika amaMethodisti nokungcweliswa. Kwakunabangingi balawomaMethodisti ngempela owangcweliswayo. Manje, kunenqwaba yabo abazishoyo kukho futhi abazi lutho ngakho. Ibandla lamaMethodisti lalifundisa ukungcweliswa. Bathi babehla bese bekhala babuye baqethuke, bathi, “Udumo kuNkulunkulu, ngingcwelisiwe!” Futhi babeqhubeka ngqo bephila njengoba babenza njalo. Kodwa abanye balabo wesilisa nabesifazane

bangcweliswa ngempela ezintweni zezwe, futhi baphila ehluhaniselwe, impilo ebekwe eceleni. Ngani na? Lowo kwakungunyaka wemoto owafaka amaningi ngokwedlulele amandla amahhashi. Imoto, iT-modeli endala yayicishe ibe yishumi nanhlanu noma amashumi amabili amandla amahhashi. Niyabo, yayingayishumi nanhlanu noma amashumi amabili amahhashi efakwe sabhodlela enjinini encane kanjalo. Ukungcweliswa! Lapho isayense izuze ngempumelelo okuthize ngo—ngo—ngokwemvelo, uNkulunkulu uzuzo ngempumelelo into ethize ngokomoya. Niyabo, kukhona into eqhubekayo ngaso sonke isikhathi. Bese kuthi-ke emva konyaka ongcwelisiwe . . .

⁶⁷ Manje, sithatha indoda enjengoBevington omdala. Indoda, ubani obeyoba yindoda edume kunoMfowethu Bevington omdala na? Futhi bukani uJohn Wesley, uGeorge Whitfield, uFinny, uKnox, abaningi balawo maMethodisti amadala akujulukela. Bedlula esihogweni emhlabeni, ekuhlushweni, ngoba babekholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalifundisa ukungcwelisa, isinyathelo sesibili somusa, futhi bahlala nakho, futhi bakukholwa, futhi benze izimanga ngakho. Ngokufanayo nje njengoHenry Ford nabo abakwenzile ngezokuthutha kwemodeli-T Ford endala ngaphezu kohlangothi lwehhashi, waqhubeka futhi engaphezu kosuku lwehhashi. NoWesley waqhubeka ngokuba ngaphezu kosuku lwamaLuthela.

⁶⁸ Bese kuthi-ke kufike iPentekoste. Futhi njengoba isayense yezwe yakwazi ukuzuzo ngempumelelo i—injini yemoto, (iZelamani zakwaWright ezadala noma zenza, zakha, njalo, ibhanoyi) umshini ondizayo wawungaphezulu kude kunemoto emhlabeni, ngoba saya emoyeni. Manje, iZelamani zakwaWright, ngenzuzo yazo ngempumelelo, sakwazi ukuthatha isayense sase senza iphethini yento ethize lapha emhlabeni, ukukhombisa ukuthi kwakukhona into enkulu yokomoya elungiselela ukwenzeka. Futhi ngenkathi iZelamani zakwaWright sebekwazi ukuzuzo ngempumelelo ukuphakamisa izinyawo zomuntu emhlabathini, iPentekoste yehla yase isuka iya emoyeni neziphiiwo zikamoya nombhaphathizo kaMoya oNgewe. Sasuka saya emoyeni! O, haleluya! Sasusa izinyawo zaso emhlabathini ukuze sikwazi uku—ukuhambe sibhukuda, sakhuphukela emoyeni! O, sasingaphezulu kakhulu kangakanani pho kwehhashi nekalishana! Sasingaphezulu kakhulu kangakanani pho kwemoto! Sasiphezulu emoyeni. Sasingqongqotha futhi siphafuza futhi sibhaklaza, kodwa sasindiza. Niyabo, okuzuzwe ngempumelelo ngumuntu emhlabeni, ngokuba kwenziwe ngezinto ezingabonwayo. UNkulunkulu wakwazi ukuzuzo ngempumelelo into ethize ngabantu abagcwaliswe ngoMoya ababelamba futhi boma, nalabo ababehlala neZwi.

⁶⁹ Manje, ukuba uWesley wayengaphumelanga eZwini futhi wathola igama elibi emva kwakhe, wayebizwa ngomuntu

ohlanyayo, nakho konke okunye, wayengeke neze akwazi ukuzuza ngempumelelo. Kodwa uWesley wayengomunye wososayense abakhulu bakaNkulunkulu. ULuther wayongomunye wososayense abakhulu bakaNkulunkulu. Babengakhathali ukuthi amabandla athini, ukuthi izinhlangano zathini. ULuther akakhathalanga ukuthi amaKatolika athini. Wayekholwa ukuthi abalungileyo bayophila ngokukholwa! Haleluya! Futhi wathatha izithako zikaNkulunkulu zeZwi wayekuhlanganisa ndawonye, nebandla lahamba ngokukholwa. UWesley wakuhlanganisa ndawonye ngeGazi, futhi wakufakazisa ngeGazi, nebandla lathola ukungcweliswa. NamaPentecostal akholwa ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuthi isithembiso ngesenu nesabantwana benu nesabobonke abakude, futhi bahlanganisa izithako ndawonye eziphuma eZwini, base besuka beya emoyeni. Haleluya! Basuka baphuma, ngoba babekwazi ukuba bakwazi ukufeza okunjalo.

⁷⁰ Manje, lawa indoda akwenzelani lokhu na? Wakutholelani uLuther na? Wakutholelani uWesley. Kungani laba abanye na? Ngoba impahla yayibekwe lapha emhlabeni eyayikwazi ukwenza iT-modeli Ford. Kwakukhona ugesi owawukwazi ukwenza i—imoto ihambe. Kwakukhona upetrol emhlabeni, kwakukhona amapistini kanjalonjalo, bonke omakhenika, ikhabhoni yejenereyitha, nakho konke ababedingeka babenakho ukudala lento, futhi qaphelani kwaqala...bakwakha, njalo, hhayi ukukudala. UNkulunkulu unguMdali, Wayenakho kulele lapha. Kodwa umuntu owakukholwayo ngokwendawo yesayense, yokwemvelo, bahlola kukho, futhi babengamthathi u “qhabo” abe yimpendulo. Bakukholwa. Kwakuyisambulo enhliziyweni yabo, futhi bahlala naso baze bafakazisa ukuthi sasiqinisile.

⁷¹ Wakufakazisa kanjalo-ke uJohn Wesley ukungcweliswa. Impahla yayibekwe lapha, iZwi likaNkulunkulu elayilethayo. Wakukholwa! Akunandaba noma lonke ibandla, ibandla laseSheshi nawo onke emenqaba, wahlala nalokho akholelwa kukho futhi wakufakazisa. NamaPentecostal ayafika ayesefakazisa, ngoba babenayo impahla, ukuthi uMoya oNgcwele wawuqinisile. Futhi basuka baya emoyeni.

⁷² Nike naqaphela, enye—enye yaleyonzuzo ngempumelelo yesayense yapehelekezela enye, yancoma enye. Kuphela kwakuyindlela ephakeme kakhulu kunenye. Niyabo? Imoto yayiyindlela ephakeme kakhulu yezokuthutha kunehashi, nebhanoyi yayiyindlela ephakeme kakhulu yezokuthutha kunemoto, kodwa zaziphelekezelana. Amandla ehhashi! Amen! Uma lawo kungamandla ehhashi, kuthiwani-ke ngamandla kaNkulunkulu na? Kuthiwani-ke ngoMoya oNgcwele namandla na? Amandla kaMoya oNgcwele angakulungisisa, amandla afanayo kaMoya oNgcwele angakungcwelisa. Amandla afanayo kaMoya oNgcwele akungcwelisile, angakugcwalisa

ngoBukhona baKhe. Nesayense encane, ababengabazi no ABC babo, bawathola. Ngani na? Babengososayense bakamoya. Amen. Babeyibonile into, bayikholwa. Umuntu wakwenza ngemfundo, usosayense wemvelo. Usosayense kamoya ukwenze ngesambulo. Oyedwa ngemfundo, omunye ngesambulo. O, uma nje singembula nge. Kukhona zonke izinhlobo zempahla ezibekwe lapha. Kunjalo.

⁷³ Manje siyaqaphela ukuthi kuhamba kanjani, ukuthi uNkulunkulu wakwazi kanjani ukuzuza ngempumelelo lokho. KumaPentecostal, asuke aya emoyeni. Ukuthi akanjani... Kwase-ke kubuyiselwa ebandleni, ukuphilisa, ukukhuluma ngezilimi, isambulo, iziphiwo zikaMoya. Lokho, uLuther wayengazi lutho ngakho, kunjalo noWesley. Abazange bakufundise, babengazi lutho ngakho. Kwakungekho onyakeni wabo.

⁷⁴ Ngani, wayeyokwazini uHenry Ford ngebhanoyi ngalezo usuku ngaphambi kweZelamani zakwaWright na? Niyabo, babengeke bakwazi. Bese kuthi-ke into efanayo u—umuntu emuva lapho futhi eshayela ihhashi nekalishana, iminyaka engamakhulu amahlanu eyedlula, wayengeke azi lutho ngezokuthwala ezingenahhashi, kuphela yiBhayibheli elathi kwakuzobakhona. Ngakho bakwazi ukukuzuza ngempumelelo ngocwaningo lwesayense. Futhi ngenkathi kwenzeka emhlabeni, uNkulunkulu wakumela ngenzuzo yempumelelo ngeBandla laKhe. “Ngokuba izinto ezikhona, ezibonwayo, kwenziwa ngezinto okungabonwayo.” Niyabo, ukuboniswa kwakho.

⁷⁵ Manje, manje unyaka wamaPentecostal, okweminyaka engamashumi amahlanu edlule, uthumele imvuselelo emhlabeni jikelele, ngazo zonke izinhlobo zayo yonke into kuwo. Futhi babenokuphilisa, nokugula kuphiliswa, izishosha ziphiliswa, abaphuphuthekile babebuyiselwa ukubona kwabo. Ucabanga ukuthi izwe lakukholwa na? Qhabo, mnumzane. Abamkholwanga uLuther. Abamkholwanga uWesley. Abawakholwanga amaPentecostal. Kodwa uNkulunkulu wathatha iBhayibheli, ocwaningweni lwaKhe, umuntu owayevuma ukukwenza, wathatha iBhayibheli wayesefakazisa kulo ukuthi Laliqinisile. Amen. Manje sifanele sikukhumbule lokho, sifanele sikukholwe, njengoba lezozinto zaziyisifanekiso. Manje siphile saze sayofinyelela onyakeni wamaPentecostal. Unyaka wamaPentecostal, njengoba ngifakazisile laphaya, uphumela onyakeni waseLawodikeya.

⁷⁶ Kodwa manje kukhona enye into eyenzekile. Sinosonkanyezi manje. UJohn Glenn waba ngusonkanyezi wethu wokuqala. Futhi sithola ukuthi lokho kungaphezulu kude kakhulu kwebhanoyi, ibhanoyi ingahamba kuphela ngangokomfutho wayo kanjalonjalo. Kodwa lokhu kungamandla e atomu, amandla amakhulu ngokwedlulele amcindezela ngokuphakama okukhulu kakhulu kunebhanoyi, ibhanoyi akukho ngisho—

ngisho nayo. Kunjalo. Ukwazile ukwenza lokho. Kulungile. Manje sinosonkanyezi, unyaka wemvelo.

⁷⁷ Futhi, khumbulani, isithunywa sifika ekupheleni komlayezo wokuqala, njalo. Sikufakazisile lokho lapho. Manje sisemkhakheni wosonkanyezi. Amen futhi amen! UNkulunkulu unaye!

⁷⁸ Isayense ikwazile ukufakazisa ukuthi kukhona usonkanyezi ongakwazi ukuya kude kangaka uze ungabe usakubona ngamehlo akho okwemvelo, futhi kungahamba noma ngabe kukhona noma yimuphi umfutho lapho noma awukho. Angaqhubeka nje aphume ngoba usethangweni elifakwe umfutho, futhi angakhuphukela lapho futhi antweze ndawo zonke futhi abone izwe ndawo zonke. Usonkanyezi! O, he, lowonyaka onje pho ozayo. Yebo, mnumzane, uhamba wedlule phambili noma yiziphi izinto zemvelo nje, futhi ushanele uze uyothi ngqi ngaphandle ngaleya.

⁷⁹ Umele ini na? Unyaka wokomoya, isikhathi sokomoya kuye lapho uNkulunkulu azoba khona nosonkanyezi bakamoya. Amen! Balapha khona manje! Haleluya! Izinkozi zasemoyeni ezingahamba zedlule noma yiyiphi enye inyoni, zintweze phezu kwezinto zonke, osonkanyezi bakamoya (udumo) abangathatha iZwi likaNkulunkulu futhi bafakazise ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Usonkanyezi kamoya! O, he! Udumo! Lokho kungenza ngizizwe ngikahle, ngiphila kulonyaka! Manje kuyinto enhle kanjani pho kusonkanyezi kamoya? Niyabo? Kuyini na? Benzani ososayense bemvelo na? Ukwazile ukukuzuzana ngempumelelo lokho. Futhi uNkulunkulu, ngomuntu owayehlala neBhayibheli futhi asho ukuthi “Nguyena izolo, namuhla, naphakade,” futhi engesabi isithembiso kungakhathaleki ukuthi ubani wayetheni, ahlale nalo. Kuyini na? Uphenduka ube ngusonkanyezi ongaya kude kangaka kungaphambili le kokucabanga kwehlelo. Kungaphambili le kwanoma yini enye into. Kungaphambili le kwezinto zebandla. Ngaphandle ngaphambili le uhlala noNkulunkulu naYe yedwa. Osonkanyezi!

⁸⁰ Futhi, khumbulani, ukuze uthole ukuba ngusonkanyezi, babefanele bangene ethangini, futhi abakwazi ukuzilawula bona. Kuthatha amandla erada isipopolo esiqondisayo, amandla e atomu ukumphakamisa aphumele ngaphambili le komkhathi, futhi manje-ke uselawulwa wumbhoshongo. Udumo! Osonkanyezi bakaNkulunkulu bakamoya kuyafana! Bafike bangene ethangini, nasendaweni, emzimbeni, nalowomzimba nguMzimba kaKristu. Manje-ke, akusibo, aku—kusibo. Kwakungesuye uJohn Glenn, kwaku—kwakuyithange ayekulo. Kwakungumshini. Wavele nje wahlala lapho, akenzanga lutho. Nje wayenesibindi sangempela esimsulwa ukuba akhuphukele lapho bese ethi “kukahle,” ngoba isayense yayikufakazisile.

⁸¹ UNkulunkulu ufuna umuntu ongeza angene kuKristu futhi akholwe ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi bangathathi ukucabanga okungokwabo, baphume bangene emkhathini, belawulwa nguMoya oNgcwele. Amen. Osonkanyezi! Wewu! Kukude kangakanani emuva ehhashini nekalishana! Kukude kangakanani ngisho nasebhanoyini! Kukude kangakanani ekulungisisweni, ekungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele! Beza okhozini. Okokuqala, babeyizibankwa, base beba yizinkukhu, base beba ngamagwababa, kodwa manje sebe yizinkozi. Akekho ongabalandela!

⁸² Ukhozi yinyoni ekhethekile. Lungaphakama ukwedlula noma yiyiphi enye inyoni. Lukulungele ukubona, lugini ikhanda lalo liselevelini uma lufika phezulu lapho. Futhi abany'abantu bangaxuma baye phezulu futhi bangazi ukuthi bakuphi emva kokufika lapho, ngoba akakwazi ukubona ukwedlula lokho akugxumile. Kodwa bakhona abangabuka emuva futhi babone ukuthi kwenzekani. Lolo wukhozi. Angama lapho aze akubuke ngale, futhi alinde aze ezwe umlayezo omtshelayo ukuthi akenzeni. Lowo ngusonkanyezi kaNkulunkulu. Niyabo? Kulandele zonke ezinye izinzuzo ngempumelelo, kungani kungenakulandela lokhu ukuzuza ngempumelelo na?

⁸³ Osonkanyezi bakaJesu. Amen. Akasuki ngisho nangamandla akhe uqobo. Ukhishwa ngokucitshwa. Into kuphela ayenzayo ngukungena kulo. Yilokho kuphela afanele akwenze, ngukungena kulo, uNkulunkulu uzokwenza ukudubula nokubeka. Akusesiwo amandla kapetrol, futhi, isivumokholo esithize sebandla. Ngamandla kaNkulunkulu e atomu akufuqayo uze uqonde ngqo emkhathini ngaphandle ngaleya. Amen. O! Ngani, yini kulaba osonkanyezi na? Bane. . . Abadingi neze. . . bavele bathatha igama elithi ukulungisiswa, igama nje ukungcweliswa, usengene kulo lonke iBhayibheli. Amen. Ungene kukho konke okwalo, ngenxa yokuthi uyazi ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukwenza zonke izithembiso Ake azenza. Uhlala lapho nje bese elinda. O, he! IZwi libophezelekile ukuba Lizibonakalise. Uma ugula, futhi ngusonkanyezi, khumbula nje, ngena kuKristu bese ulindela ukubala ngokuhlehla. Yilokho kuphela. Uzodubula inhlamvu, ungakhathazeki. Manje, ukwazile ukukuzuza ngempumelelo ngoba uNkulunkulu wakwethembisa.

⁸⁴ Manje, mkhulu kangakanani usonkanyezi, lezizinto manje, ukusukela emandleni ehhashini amadala, amandla emoto, namandla ebhanoyi! Niyabo, usonkanyezi, uphakeme kakhulu ngangokuthi angabona izinto umuntu osehhashini nekalishana abengeke azibone. Uphakeme kakhulu angabona izinto umuntu osemotweni abengeke azibone. Uphakeme kakhulu ngangokuthi angabona izinto umuntu ondiza ngebhanoyi angeke azibona.

Ushambe waze waqonda ngqo waphuma ekudlinzeni. Amen. Udumo! Yilokho-ke. Usevele uhambe waya ngaphambili le kwanoma yiyiphi inzuzo yempumelelo umuntu abengacabanga ngayo, inhlango, ihlelo, “Ufanele ube yiMethodisti, iBaptisti, noma usonta ku *leli*, elikamunye, mbili,” kumbe noma ngabe yini. Ungusonkanyezi, usuke wantweza waphuma waqonda ngqo emkhathini. Amen. Ngibonga kakhulu!

⁸⁵ Futhi, khumbulani, usonkanyezi ulawulwa ngamandla esibonisi irada. Nibabonile befaka uJohn Glenn. Ngabuka phansi lapho eCape Canaveral ngase ngiyibona leyonto eyisibonisi esikhulukazi irada, futhi wawungeke umbone ngisho kuphi, kodwa wawungasho ukuthi wayekuphi ngendlela lesosibonisi irada esasikhomba ngayo. Wayelapho-ke. Niyabo? Futhi sinaso isibonisi irada, nathi, umkhuleko. Umkhuleko ungamandla ayisibonisi irada esiqondisa usonkanyezi. “Celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Mina ngolwenza.” Niyabo? Nje bhokisisani indlela umkhuleko ohamba ngayo, ungayibona indlela oyikhombayo. Amen. Nje bhokisisani indlela ibandla elikhuleka ngayo, ningabona indlela imicibisholo amamizayili endiza ngayo. Ungawusho nge—ngendlela osonkanyezi abahamba ngayo, ngendlela ibandla elikhuleka ngayo.

⁸⁶ Uyakhuleka, “Nkosi, kusobala asikholelwa kulezizinto.” A-o! Lowosonkanyezi uyehla. Yilokho kuphela. O, mfowethu!

⁸⁷ Kodwa nxa zonke izinto zingenzeka, “Nkosi, thululela uMoya waKho phezu kwebandla futhi uliphe lokho esikudingayo. Thululela phezu kwethu uMoya oNgcwele, futhi nje sikhuphe kukho konke ukuzindla, futhi sikholwe ukuthi leloZwi liqinisile futhi sizoma ngaLo ngqo.” Bhokisisani-ke isibuko esikhulu siqala ukuphakamisa ikhanda laso kanje, niyabo. Usonkanyezi uyaqhubeka uyaqhubeka, eqonde phezulu le emoyeni. Kuyamangalisa! Uhamba aye ngaphambili le kwanoma yiliphi ihlelo, uhamba aye ngaphambili le kwanoma yisiphi isivumokholo.

⁸⁸ Manje khumbulani, ukulungisiswa kwabelwe kwisivumokholo, kunjalo, ukholwa ngukulungisiswa njenga ndawondawo njengamaLuthela nanoma yimiphi eminye imizimbanyana yawo. Yilokho ayikhona, imizimbanyana, kodwa abasukile emhlabathini! Uthatha ukungcweliswa nemizimbanyana yakho. Uthi, “Yini umzimbanyana kwiLuthela na?” Awu, iChurch of Christ nalesosigeyane lapho. “Yini umzimbanyana kuWesley, kumaMethodisti kunjalo na?” INazarini, iPilgrim Holiness, umzimbanyana wawo na? Bese ke kuba yiPentecostal nemizimbanyana yawo, ibhanoyi, impela, abakamunye, mbili, mthathu, mune, yonke lena kuqhubeke kuye phezulu, iFoursquare, iChurch of God, onke asalokhu efakwe esivumwenikhholo emahlelweni.

⁸⁹ Kodwa usonkanyezi wephula isivimbamsindo. Uvele nje aqhubeke edlule. Akezwa lutho. O, he! Uvele nje aye ngaphambili le kwakho konke. Niyabo, uphezulu le phakathi lapho zonke izinto... Uhlala eBukhoneni bukaNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Wakwethembisa, iZwi laKhe lithi UngumPristi oMkhulu. Niyasibona lesiyasiboniso esikhulukazi irada esihlezi phandle laphaya sihambahamba na? Mbhekisiseni emhlanganweni. Ningabhekisisa uma uMoya oNgcwele wehla ngesimo seNsika yoMlilo njengoba Ethembisa. Umuntu uzobe engahlezi khona lapha ezama ukuKuzindla ngesayense, ikholwa langempela. Uyini na? UyisiBuko esikhulu esiyisiboniso iRada. Mbhekisiseni. Uqala ukukhomba macala onke. Amen. Futhi kubamba lowaya lapho, usonkanyezi. “Unomdlavuza. Uno *kuthi-nokuthi*. Ungu *S'bani-bani* ovela endaweni ethize. INkosi uJesu iyakuphilisa.” Haleluya! Usuka antweze. Usonkanyezi! O, he, Lifanele libe yiBandla elinjani pho! Lilapha.

⁹⁰ Inzuzo ngempumelelo ifakaziswe yisayense. Bayikhombisa khona lapho eMbukisweni woMhlaba. Sinayo. Amen. Ifakaziswe ndawo zonke, unyaka kasonkanyezi esiphila kuwo. Niyabo, “Kwenziwa ngezinto ezingenakubonwa.” Niyabo, kwenziwa ngento ethize evela eZulwini. NguNkulunkulu uqobo lwaKhe lapha kulelozinga lesithupha. Ngamandla kaNkulunkulu. Kade sisendaweni enjalo sesize saphakanyiselwa kulelozinga, ngaphambili le kwalento yokuya ethuneni nokukhala izinyembezi, lento yokubeka indwangu yokuzila engideni nokuthi hamba kahle kuze kube phakade. Haleluya! Sesingenile kusonkanyezi, futhi sasuka santweza sayophumela ngaleya futhi sabona ukuthi kukuphi, sasesibuyela emuva. Udumo! Siya eKhaya ngaphambili le kwesibhakabhaka ngaleya, ngaphambili le kokuzindla komuntu. Ukuthi abadala bayogugulwa kanjani ngesikhashanyana sokuphazima kweso. Siyobabona lapho, owesilisa omdala nabesifazane, bebasha futhi. “Wazi kanjani na?” IBhayibheli liyakufundisa! Futhi, uNkulunkulu wadubula usonkanyezi wamusa phezulu lapho, siyazi ukuthi konke kumayelana nani, uyabuya. Akukho kukhathazeka ngokufa. Ukufa akulutho. Impela, ngukuphila. Yebo, mnumzane. Kungukususa izinyawo zakho emhlabathini nje ukuze ukwazi ukumuka. O, kumangalisa kanjani pho!

⁹¹ Wethembise zonke lezizinto eZwini laKhe, ngokuba amaHeberu 13:8 athi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Izinto Akwazi, uNkulunkulu ayengazizuzwa ngempumelelo ngomuntu oyedwa owayezozinikela yena kukho, eZwini likaNkulunkulu, ngoba, njengoba ngishilo izolo ebusuku, njalo wayema neZwi.

⁹² Manje, niyazi ukuthini, osonkanyezi empeleni akusiyona into entsha. Kuthiwani ngoElija na? Uma wayengesuye usonkanyenzi, angikaze ngimbone oyedwa. Waya lapho uJohn Glenn ayengazange acabange ngokuya khona.

⁹³ Awu, niyazi, base bevele besukile ngomnyakazo omncane ngesinye isikhathi. Igama lakhe kwakunguEnoke. Wavele nje wahamba wakhuphuka, kodwa wayengusonkanyezi. Impela. Wafakwa umfutho, akadingekanga ukuba aguqulwe, lutho. Qhabo, wayesevele efakwe umfutho ngenkathi eqala ukuhamba. Wavele nje wahamba waqhubeka waphuma kuwo onke amazinga nakho konke, wahamba waphumela eBukhoni bukaNkulunkulu.

⁹⁴ Futhi ngakho umfo omdala oyedwa wayekhathele futhi engasakwazi ukuhamba kahle. Wayeqophisane noJezebele, nezinwele zakhe ezimfishane nopende nakho konke, uNkulunkulu waze nje wathumela inqola yempi phansi, wathi, “Ngizokudedela nje ugibele wenyuke udabule emafini ngalentambama.” Usonkanyezi!

⁹⁵ Ngesinye isikhathi Oyedwa ufikela ukuzofela thina sonke, noNkulunkulu waMvusa ngosuku lwesithathu. Nendoda angamakhulu amahlanu ama lapho futhi aMbona ekhushulwa eyongena emafini, nePhimbo lithi, “Ngobuya futhi.” INgelosi iyabuya yase ithi, “LoJesu ofanayo okhushuliwe, uSonkanyezi oyiNkosi, uyobuya futhi ngendlela efanayo, ngohlobo olufanayo lwekamelu Akulo, emzimbeni, ongasayikufa.” Haleluya! “Futhi siyoba nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo onenkazimulo, ngokuba siyoMbona njengalokhu Enjalo.” O, haleluya! Wephula zonke izivimbamsindo, zonke izivimbakuzindla, futhi waya ngaphambili le kokuzindla, waya ngaphambili le kwanoma yini enye.

⁹⁶ Futhi noma yimuphi umuntu oke aze aphilele uNkulunkulu uyofanele ahambe aye ngaphambili le kwanoma yimiphi imizwa emihlanu, uyofanele aqhubeke kunoma yiyiphi imfundo, kunoma yiyiphi inzuzo enempumelelo umuntu akwazile ukuyenza, futhi akholwe nguNkulunkulu, aphule yonke into futhi akubeke eceleni, futhi ashwibeke ayongena amazwini. Amen. O, lokho osonkanyezi kanjalonjalo akuzuze ngempumelelo kokwemvelo, uNkulunkulu ukwazile ukukwenza ngebandla laKhe, ngokomoya, ngabantu bakamoya abayokholwa. Noma yimuphi owesilisa noma owesifazane oyoba nesibindi noma ngasiphi isikhathi, noma ngasiphi isikhathi ukuba athathe uNkulunkulu eZwini laKhe, ngusonkanyezi.

⁹⁷ Bayothi, “O, lokho ngukungacabangi. Awubezwe labobantu bekhala, bememeza, uyakuzwa lokhu na? O, lokho kungukungacabangi ngisho.” Lowo akaqondi.

⁹⁸ Omunye wangitshela, wathi, “Waba nephupho, Mfowethu Branham, ngenkathi ubone leyondawo.” Angizange ngibe nephupho. Ngangimi phezulu lapho ngibuka phansi lapho engangilele khona embhedeni. Ngahle ukuba ngangiphupha embhedeni, kodwa ngangiphezulu lapha ngizibuka mina uqobo phansi. Niyabo? O, Unginika nje ukugibela usonkanyezi

omncane ngalokho kusa, engikhombisa ukuthi kuyiwa kuphi. Futhi kukhombisa ukuthi isiboniso sakho irada siyokukhomba, khona impela lapho okukhona. Manje, akusimina, nguYe. Ngumoya wakho kuwe ukholwa lowoMlayezo, futhi nguMoya oNgwele umi lapha lapho engikhona, futhi ukukholwe kanjalo futhi kuyaxhumana; futhi nansi ibuya ngqo, impendulo yakho. Usonkanyezi! Amen. O, kumangalisa kanjani! Yebo, mnumzane.

⁹⁹ Enkulu, isayense yenze into enkulu. Futhi, niyazi, bakwenze kakhulu ngangokuthi sebezesaba bona uqobo. Kunjalo. Banobukhulu kakhulu ngangokuthi sebeyazesaba bona uqobo. Niyazi, basho lapha cishe eminyakeni emibili edlule, kwaku “yimizuzu emithathu ngaphambi kwaphakathi nobusuku.” Bayesaba. Benzani na? Manje, umuntu ukwazile, emva kokwemvelo kusonkanyezi wemvelo, manje ukwazile ukuzuza losonkanyezi ngempumelelo. Futhi uyacabanga manje ukuthi uma iRashiya ike yaze yaqala ukubhunqisa lelizwe, kumbe noma elinye izwe, uzontweza asuke aye enyangeni.

¹⁰⁰ Ngibone into ehehanayo ukwedlula zonke ngoluny’usuku, yayihhana ngempela. Kwakukhona amaNdiya amancane amabili emile, exoxa odwa, izisu ezincane eziqumbile, niyazi, kanjalo, nophaphe phezulu emva kwekhanda lawo, futhi exhawulana, embambathana. Athi, “Bro’der, masinya sizoba nezwe lethu selibuyele kithi, umlungu uzoya enyangeni.” Athi, “Masinya sizoba nezwe lethu selibuyile futhi. Umlungu uya le enyangeni, ngakho sizobuye sibe nezwe elingelethu futhi.” Kulungile.

¹⁰¹ O, manje bafuna ukwenza inqwaba yalamathini osonkanyezi ukuze bakwazi ukungena kulo. Nonyaka we—we atomu ufike, bazochithiza izwe, bavele nje badonse *lokhu* bese bonke beya ngale enyangeni, bathathe uhambo oluya enyangeni, futhi babenakho konke ngaleya, futhi ngakho bayovele nje babenzele ezinye zomnotho enyangeni. Abazukufika lapho. Angikholwa, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi bayoke bafike lapho. Niyabo?

¹⁰² Kodwa, ngesikhathi esifanayo, ikholwa langempela leqiniso kuKristu lingene kuSonkanyezi walo. Amen. “NgaMoya-munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Sonkanyezi-munye.” O, uMzimba owodwa! Ungamela noma yiluphi uhlobo lomfutho. Bakuzamile esithandweni somlilo, uyomelana nomlilo, ukuze unyawushisi; sishise kakhulu ngokuphindwe kasikhombisa. Bakuzamile, futhi yonke into iphuma kahle. Ngakho ososayense bokomoya bakwazile ukufakazisa ukuthi bangamela noma yini. Ngakho i—ikholwa likamoya langempela limphelekezele lona uqobo futhi langena kuSonkanyezi kaNkulunkulu, uKristu, likholwa zonke izinto; libeka eceleni izivumokholo zalo, izivumokholo zamaPentecostal, izivumokholo zamaBaptisti, izivumokholo zamaMethodisti. Lingene kuSonkanyezi nje, lithi, “Nkosi, kuzolunga nini na?” O, he! Wenzani na? Uza

emihlanganweni emincane, ulalele ukubala ngokuhlehla kweZwi likaNkulunkulu.

¹⁰³ Niyazi, ngenkathi uJohn Glenn ehlezi lapho ngalokho kusa, babelalele ukubala ngokuhlehla. “Yishumi, yisishiyagalolunye, yisishiyagalombili, yisikhombisa, yisithupha, yisihlanu, kune, kuthathu, kubili, kunye, wuziro.” Niyabo? Futhi manje usefike endaweni lapho khona okuthi, “Kusele imizuzu emithathu kusuke into ethize.” Abazi ukuthi kuyini. “Kusele imizuzu emithathu sibe nehora elinguziro.”

¹⁰⁴ Manje qaphelani, ikholwa langempela likuKristu. Akusekho ukulahlwa kwabakuKristu. Shumayela iZwi, hlala neZwi ngqo. Angikhathali ukuthi amahlelo athini, bazoLikhohla. Bazoma khona lapho, ngoba yiZwi. Abobuhlelo bakhahlela phezulu okukhulu ukuqophisana futhi babaxoshe esontweni, babagijimise babakhiphe, futhi bathi “bayahlanya,” yonke into kanjalo. Kodwa bahlala ngqo naleloZwi. Inqobo nje uma uNkulunkulu akwethembisa, bahlala lapho ngoba bangosonkanyezi. Bayalikhohla iZwi. Futhi ayikho indlela yokubaqeda. Bazonishiya empeleni, ngakho nje—nje bayekeni kanjalo isikhashana.

¹⁰⁵ Kodwa baphakathi lapho, behlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, belalele ukubala ngokuhlehla, *iMinyaka yeBandla* kanjalonjalo. Udumo! Kukwenza uzizwe ukahle, akukwenzi na? Ulalele ukubala ngokuhlehla! Yini ukubala ngokuhlehla na? “Zonke lezizinto okwethenjisiweyo, nakhu lapho okwenzeka khona. Zonke lezizinto yethenjisiwe, nakhu la okwenzeka khona. Lapho isithembiso sikhona, nakhu lapho okwenzeka khona. Inzuzo ngempumelelo Ayethembisa namhlanje, nansi iphakathi kwethu ngqo.” Benzani na? Balalele ukubala ngokuhlehla. Sekuze kwafika kuphi na? Kusuka le kuLuther. Ukubala ngokuhlehla! “Ukulungisiswa, ukungweliswa... Yishumi, yisishiyagalolunye, yisishiyagalombili, yisikhombisa, yisithupha, yisihlanu, kune, kuthathu, kubili...” Wophu! Benzani na? Balindele ukusuka bandize, ihora elinguziro. Amen.

¹⁰⁶ Lomkhondo omkhulu wokuhamba iBandla elilungiselela ukuwenza, nesikhathi esikhulu sokubala ngokuhlehla, ngithanda ukunichazela engicabanga ukuthi ukubala ngokuhlehla kuyini. Manje, ngicabanga ukuthi sisanda kukuqeda nje ebandleni lapha. Futhi manje niyaqaphela ukuthi, uma usonkanyezi wemvelo eselungele ukusuka emhlabeni, kukhona ukubala ngokuhlehla okuqala eshumini kubuyele kuziro. Manje, angikazami ukuhlaziya loMlayezo bese ngiwunikeza ukusebenza ngokukamoya, njengoba bekungathatha isikhathi esiningi kakhulu kulokhu ukusa. Kodwa ngifuna ukuzama ukunichazela lokhu, ukuthi i *shumi* yinombolo yo “kwezwe,” umuntu. Kodwa *isikhombisa* yinombolo yoku “phelela kukaNkulunkulu.”

Izinsuku eziyisithupha Wenza amazulu nomhlaba, futhi ngolwesikhombisa Waphumula.” Futhi iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha izwe lizosebenza kanzima liphikisana nesono, noma ibandla lisebenza liphikisana nesono, nesikhombisa yisikhathi seminyaka eyiNkulungwane, iSabatha.

¹⁰⁷ Isikhombisa yinombolo ephelele kaNkulunkulu. Futhi manje Usinike ukubala ngokuhlehla okuyikhonakhona, nokubala ngokuhlehla kwaKhe akusilo ishumi, kodwa isikhombisa. Sisanda kukuqeda nje e *Minyakeni yeBandla eyisiKhombisa*. Manje sithola ukuthi ngale eSambulweni, ukubala ngokuhlehla kokuqala kwakungunyaka wokuqala. Ukubala ngokuhlehla kwesibili, unyaka wesibili. Futhi kuqhubeke kuze kuyofika ekubaleni ngokuhlehla kwesikhombisa. Futhi nakhu kubonakala phambi kwethu, njengoba isithombe sidwetshiwe, ukuthi sibenakho lokhu ukubala ngokuhlehla. Inombolo yokuqala ebalwayo kwakuyiEfesu. Inombolo yesibili ebalwayo kwakuyiSmirna, iSmirna. Kwase kuba yiPergamu. IThiyatira. Eyesihlanu kwakuyiSardesi. Eyesithupha kwakuyiFiladelfiya. Neyesikhombisa kwakungowaseLawodikeya, unyaka webandla wokugcina. Bese-ke kuba yisikhathi esiwuziro ukuba ibandla lihambe, emva kokuba iminyaka yebandla isisisebenzile isigaba sayo. Manje, siyazi ukuthi unyaka waseThiyatira ufikile wahamba, nonyaka wase-Efesu ufikile wahamba, unyaka waseFiladelfiya ufikile wahamba. Futhi sisonyakeni webandla wesikhombisa, ekupheleni kwawo, unyaka waseLawodikeya. Futhi lokho ngokubala ngokuhlehla.

¹⁰⁸ Uma niqaphela ezifundweni zethu zangaphambili zamabandla, Wayephethe esandleni saKhe *izinkanyezi eziyisikhombisa*, esithola ku “ngabefundisi abayisikhombisa beminyaka yebandla eyisikhombisa.” Ngamunye wabo ukhonjwa ngokuphelele njengoba uNkulunkulu athatha ukubala kwaKhe ngokuhlehla. Selokhu kwaba yisikhathi Ahamba ngaso, kuze kube yisikhathi Abuya ngaso, Uqoqela abantu ndawonye enzela iGama laKhe. Waqala ngoSuku lwePentekoste. Elokuqala, ibandla lase-Efesu, inkanyezi nesithunywa salelobandla sikholwa ukuthi nguPawulu oNgwele. Ufikile, nenombolo yokuqala isibaliwe. Unyaka webandla wesibili, okuyiSmirna, kwakunguIrenaeus, ongwele omkhulu kaNkulunkulu owahola lowonyaka webandla ekupheleni. Unyaka webandla wesithathu, okwakuyiPergamu, kwakunguColumba oNgwele owayengongwele omkhulu kaNkulunkulu. Ngesikhathi seMinyaka yobuMnyama, ekuhlushweni, unyaka wesine nokubala kwesine, uMartin oNgwele waseTroas, ongwele omkhulu evela eFransi. Unyaka webandla wesihlanu, nesithunywa sawo kwakunguMartin Luther ekubaleni ngokuhlehla. Unyaka wesithupha kwakunguJohn Wesley ekubaleni ngokuhlehla.

109 Manje sisonyakeni wesikhombisa, unyaka webandla laseLawodikeya. Futhi sibheke lesosithunywa esikhulu sokubonakala kwesibili kukaElija, ekubaleni ngokuhlehla. Futhi siyothi nje leso singabonakala, khona-ke sekuyisikhathi esinguziro nebandla liyasuka liye ekhaya, liphumele emkhathini, liyongena emaZulwini, liqhubeke liye ngaphambili le kwenyanga, izinkanyezi, konke okunye, futhi lihlangebezane noJesu.

110 Lokhu kwavelaphi futhi baya kuphi na? Bangena kuloSonkanyezi. Abantu bangena kanjani kuSonkanyezi endaweni yokuqala na? Yileyo ndlela abazofanele bangene ngayo kuyoyonke indawo, ngaso sonke isikhathi. Kunjalo. Bazofanele bangene ngendlela efanayo abokuqala abenza ngayo, ngoba lomkhondo omkhulu womzimba omkhulu wabantu. Ukuthi ngesikhathi sikaNowa, kwakukhona umnyango owodwa kuphela, nalowomnyango wawuyiwona-mnyango kuphela wokungena. Konke okungenayo, akunandaba noma ngabe babeye endlini engaphansi yokuqala phansi kokulungisiswa, indlu engaphansi yesibili, noma indlu engaphansi yesithathu, bonke bangena emnyango owodwa. Bonke bangena ngendlela efanayo.

111 Futhi yinto efanayo kulolusuku lukasonkanyezi. Sifanele singene ngendlela efanayo, size ngendlela efanayo, ngoMlayezo ofanayo, ngoKristu ofanayo, ngaMandla afanayo abawemukela ngoSuku lwePentekoste. Indlela efanayo! BekuyiLowo ofanayo ngasosonke isikhathi, ngoba nguMnyango ofanayo. Futhi singena kanjani kulomzimba na? NgoMnyango. NoJesu unguMnyango kuloMzimba. Ngakho siyangena futhi sizalwe eMbusweni kaNkulunkulu, ngoMnyango, uJesu Kristu. Futhi manje uMnyango usucishe uvalwe nje kokwaseLawodikeya, ukubala ngokuhlehla kokucina, neBanda lilungiselela ukuthatha umkhondo walo phezu kwazo zonke izinhlupheko, konke into yonke, futhi ujubalale uyongena emazulwini eZulu, uthwele iBandla liya esifubeni sikaNkulunkulu. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Amen.

112 Ukusa uJohn...loGlenn asuka ngakho phansi lapho, wonke umuntu babesebusweni babo, bekhala futhi bekhuleka, bemangala ukuthi yini ayezokwazi ukuyizuza ngempumelelo. Futhi into yokuqala, umlilo uqala ukusabalala kulawoma atomu lapho lomcibisholo omkhulu imizayili uphakama lapho eCape Canaveral, uya phezulu emoyeni kanjalo, nabantu bempompoloza futhi bekhala futhi bemangele ukuthi kuyokwenzekani kusionkanyezi wabo owayekhuphuka.

113 O, kodwa iBandla, udumo, lisabalalisa omunye umlilo futhi. Amen. Ukubala ngokuhlehla kuyeza! Amen! “Ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgewe, unyaka webandla laseLawodikeya,” sisekupheleni! UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade! Yin’indaba na? “Yishumi,

isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isithupha, isihlanu, kune, kuthathu, kubili. . .uziro!” Bangeke bakhale, kodwa bayocula futhi bamemeze futhi bedumisa uNkulunkulu, lapho iBandla lithatha usonkanyezi walo lihambe liyongena ezibhakabhakeni ukuba liyoba noJesu Kristu. Amen.

¹¹⁴ Ekuzuzeni ngempumelelo ngokwemvelo, bathathwa bayiswe enyangeni. Ekuzuzeni ngempumelelo kokomoya sisuka siqonda eZulwini. Amen! Usonkanyezi wemvelo uzama ukuzitholela indawo enyangeni. Sesivele siyitholile indawo eZulwini yonke vele. “EKhaya likaBaba Wami kunezindlu eziningi. Ngiyohamba nginilungisele indawo, bese ngithumela uSonkanyezi abuye ukuba anithathe.” Ukubala ngokuhlehla kuyenzeka! Niyakukholwa na? Amen. Ukubala ngokuhlehla! “Yishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isithupha, isihlanu, kune, kuthathu, kubili, kunye, uziro!” Umlilo uqala ukusabalala, inkonzo yethweswa umqhele eNkazimulweni. Haleluya! Nomcibisholo omdala irokhetho ovuthayo uqala ukusuka, awukhonjwe khona ngasenyangeni, kodwa ukhonjwe ngaseNkazimulweni. Nantiya ngaleya, umlilo kaNkulunkulu usabalala. Amandla kaMoya oNgewele uliphakamisa futhi ngaphambili le kwenyanga, izinkanyezi, ngaphambili le kwanoma yini eyayingake izuzwe ngempumelelo ngumuntu. IBandla liyosuka lindize liye ezifubeni zikaNkulunkulu eZulwini, ngokunye kwalokhu ukusa. Bangane, nomuntu ukwazile ukuzuza ngempumelelo lokho abanakho ngezinto zemvelo, futhi uNkulunkulu (ngikufakazisile lapha) ukufanekise ngokomoya.

¹¹⁵ Asingene kuSonkanyezi, ngokushesha! Iminyango izovalwa emva kwesikhashana. Ukubala ngokuhlehla kuyenzeka! Isayense ithi ukubala kwabo ngokuhlehla sekuyimizuzu emithathu. Okwethu kungahle kube ngaphambili kwalokho, kungahle kube “kunye” sekulungele u “ziro!” Asingene. Niyakholwa ukuthi ukubala ngokuhlehla kuyenzeka na? Asikhothamise amakhanda ethu-ke okomzuzwana nje.

¹¹⁶ Baba! “Ishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isithupha, kuhlanu, kune, kuthathu, kubili. . .” Nkulunkulu! “Izizwe ziyehlukana. UIsrayeli uyaphaphama, izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo; izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo; buyani, O bahlakazekileyo niye kwabakini.” Usuku olunje pho! IziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya. O Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi wonke ongakholwayo uzothi ngokushesha abeke eceleni konke okwemicabango yakhe yezemfundo, konke okwemibono yakhe okuphambene neZwi laKho, nakulokhu ukusa uzongena yakheSonkanyezi okhazimulayo, ngoba sizalwa kuYe, phakathi lapho ukuba sibe yingxenye kaSonkanyezi.

¹¹⁷ Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, nakuloMzimba kaKristu omkhulu, ukuthi Uzobhaphathiza amakholwa namhlanje

ngoMoya oNgcwele. Kwangathi ichibi lingagcwala abantu kulokhu ukusa, bevuma izono zabo futhi bembelwa eGameni likaJesu Kristu, futhi begibela uSonkanyezi omdala, Nkosi, oya ngaphambili le kwenyanga nezinkanyezi, futhi siya ngaphambili le kwezivumokholo, ihlelo. Sesibe nakho ukubala ngokuhlehla. Usitshelile ukuthi kuyoba njani, okuthathu, lezizigaba ezintathu zalokhu. Uyishilo iminyaka yebandla, ukuthi iyohamba kanjani, unyaka webandla wokuqala, unyaka webandla wesibili, unyaka webandla wesithathu, wesine, wesihlanu, wesithupha. Lokhu ukubala yisikhombisa. Futhi emva kwesikhombisa, lonyaka, sesivele sikuwo, unyaka webandla wokugcina. Futhi manje ukubala ngokuhlehla sekuyenzeka. Unyaka usuvele ubaliwe, unyaka wamaLuthela, unyaka kaWesley, unyaka wamaPentecostal. Futhi manje, Nkosi, kubuthelwana kuSonkanyezi, neglasi enkulu egqamisayo phambi kwaLo, singayibona iNkazimulo, sibone uJesu, siMbone emandleni aKhe onke, siMbone ezithembisweni zaKhe zonke. Yonke into Ayethembisa ibonisa kithi. SiyaKubonga ngalokhu.

¹¹⁸ Nkulunkulu, kwangathi ibandla namhlanje ngokushesha lingangena endaweni ephephile, ngokuba masinya kufika ihora elinguziro nomnyango kaSonkanyezi omkhulu uzovalwa, ibhanoyi kaSonkanyezi. Futhi sizohamba njengoba kwenza uNowa ngenkathi engena kusonkanyezi wakhe, njengoba kwakunjalo, wantanta phakathi nangaphezu kwawo onke amanzi okwahlulela. Futhi, Baba, sifuna ukungena kuWe ukuze sikwazi ukuntanta sedlule emifudlaneni yesikhathi, sihambe sedlule uMars, uJupiter, uVenus, ngale koMthala oMhlophe, siqhubeke njalo njalo, lapho usonkanyezi wemvelo engazi lutho ngakho. Kodwa siyabona ukuthi uyaMdedela akwenze lokho kube yisibonakaliso, ukuze silungele ukuhamba. Siyasuka emhlabeni. Siphe khona, Nkosi. NgeGama likaJesu Kristu, ngiyakucela.

¹¹⁹ Lapha kubekwe amaduku, Nkosi, abekwe lapha, athunyelwe ngabantu abagulayo. Bayakholwa, Nkosi. Futhi kwangathi bangaba ngosonkanyezi abenziwe amalunga agcwele kulokhu ukusa. Kwangathi amandla kaNkulunkulu uSomandla Obonisa iBhayibheli laKhe phezu kwalokhu, ukuthi bathathe emzimbeni kaPawulu oNgcwele, amaduku nezindwangu, nogulayo nohluphekile waphiliswa. Kwangathi ikholwa elingusonkanyezi, uma lokho kulithinta, lisuke liphakame, Nkosi. Ukugula kungemuva! Kwangathi wonke umuntu ogulayo lapha khona manje, Nkosi, angangena kuKristu Jesu ngqo, eZwini laKhe, isithembiso saKhe. Futhi ethi, “Celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza.” Kwangathi bangaqala ukubala, “Yishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isithupha, isihlanu, kune, kuthathu, kubili... uziro. Liqhubeke lihambe, Nkosi!” Kwangathi bangasukuma emibhedeni eyizinhlaka, ezinhlabeni, noma kungaba yini.

Kwangathi bangasukuma ekuguleni kwabo okubabophele phansi, ukuba baphume baye ngaleya emkhathini ongaphandle lapho khona odokotela, ososayense namunye wabo owazi noma yini ngakho, lapho Amandla kaNkulunkulu ethembise khona ngocwaningo lwesayense yeBhayibheli lapha noma ucwaningo lokomoya, njalo, lweBhayibheli; ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu wayelokhu enguNkulunkulu, usalokhu enguNkulunkulu, Uyohlala njalo enguNkulunkulu, futhi UngoNgenasiphelo, uMninimandla, uSomandla, uMuntu oSezindaweni zonke ongacina iZwi laKhe. Angenza izinto zonke, futhi wasethembisa ukuthi konke kungenzeka kulabo abayokholwa. Nkulunkulu, siphe khona.

¹²⁰ Kwangathi lowo wesifazane ophiyazayo noma abesifazane, umfana noma intombazane, kulokhu ukusa, ongekho phakathi lapho elalele ukubala ngokuhlehla kweZwi likaNkulunkulu, ngokwazi ukuthi sesiphansi ngqo, sesiyibalile vele into yokugcina. Selilungele ukumpompoloza “ziro” noma ngasiphi isikhathi, nebandla ukuba lihambe. Sibona uMlayezo uqedela. Sibona ukuhlushwa kuqubuka; njengoba sikhulume ngakho izolo ebusuku. Siyazi ukuthi isikhathi sesiseduze. Ukubala ngokuhlehla sekuphelile. Usisizile lapha emsamo ukuba sehlice iminyaka yebandla, futhi sithathe konke okunye futhi sikufakazise, ukuthi khona manje kakhulu impela nganoma yisiphi isikhathi kungenzeka. Nkulunkulu uSomandla, Owadala amaZulu nomhlaba, thumela umusa waKho omningi phezu kwabantu futhi ubanike lokho Obabekelele khona. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu.

¹²¹ Futhi wonke owesilisa nowesifazane ikhanda labo likhotheme. Uma kubakhona abanye lapha abangamazi uKristu njengoMsindisi wabo kulokhu ukusa, futhi abangathanda ukuMazi futhi bangene kulesisimo sikaSonkanyezi womusa kaNkulunkulu, ukuba baye oHlwithweni, ungasiphakamisa isandla sakho bese uthi, “Sengilungele, ngifuna ukulungela uHlwitho, Mfowethu Branham. Ngikhulekele.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena. UNkulunkulu akubusise, nawe. Ngaphandle, ngaphakathi, noma ngabe ukuphi, phakamisa isandla sakho nje. Ngalokhu, uthi, “Nkulunkulu, ngithathe ungingenise.” UNkulunkulu akubusise. “Ngifuna ukuzwa ukubala ngokuhlehla. Ngifuna ukukuzwa. Ngifuna ukwazi ukuthi ngiphephile, ukuthi uma umlilo usuka ngizobe ngingahlezi phansi lapha ehhashini nekalishana. Ngizobe ngingekho ebandleni ngigibele imoto. Ngizobe ngingekho kulowo ongavele nje aphakamise izinyawo zakhe emhlabathini kube kude ngokwenele ukuba agxume futhi abe nomninginingi umsindo. Ngifuna ukuba sentweni ethize ezongithatha ingiyise ngaphambili le kwenyanga nezinkanyezi. Ngifuna ukulalela ekubaleni ngokuhlehla; hhayi isivumokholo esithize, inhlango ethize. Kodwa ngifuna ukuba kuKristu,

lapho engingantweza khona ngiye ngaphambili le kwanoma yini engukuzindla phakathi komuntu. Ngifuna ukuhamba.”

122 Ngabe ukhona omunye ngaphambi kokuba sikhuleke, ngabe ukhona na? UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, nawe emuva lapho. Ngiyasibona isandla sakho, noNkulunkulu ngempela uyasibona. Nawe, mfowethu, wena mfowethu. “Ngifuna ukuba kulokho kubala ngokuhlehla. Nkulunkulu, mangilahle konke okusindayo.” UNkulunkulu akubusise, mfowethu. “Ngifuna ukulahla sonke isono. Nginolaka Mfowethu Branham. O, bengingene kuLokho kanjalo. Khuleka ukuba uNkulunkulu akususe kimi. Ngi—ngi, Mfowethu Branham, ngi—ngiyaphuza kancanyana. Angifuni ukukwenza lokho. Khuleka ukuba ngikulahle. Ngiyabhema. Angifuni ukukwenza lokho. UNkulunkulu uyazi ukuthi angifuni ukukwenza lokho. Into ivele nje yangibophela phansi kanjalo, ngi—ngiyakwenza nje, nje angikwazi ukusuka kuzo. Ngiyazi ukuthi kuyiphutha, futhi angifanele ngikwenze. Ngingeke! Enye into, kade ngilingabaza iZwi. Kade ngimangala nje ukuthi ngabe Laliqinisiye yini ngempela. Ngisize, Nkulunkulu. Mangithi mina, mangikhumbule nje konke lokho okufanele, futhi ngiyaLikhohla. Ngifuna ukulalela ukubala ngokuhlehla. Ngifuna endaweni lapho ngaso sonke isikhathi engibona ngaso iZwi likaNkulunkulu lisho noma yini, ngifuna ukuligcizelela ngo ‘amen’ futhi ngithi ‘NguWe, Nkosi.’” Manje konke... UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu anibusise, nonke.

123 Ngabe bakhona abanye lapha manje ogulayo, futhi athi, “Mfowethu Branham, kulokhu ukusa ngingumKristu, kodwa ngi...Kade ngi...nginoMoya oNgewe. Ngehlile ebhanoyini manje, sengilungele ukubala ngokuhlehla. Ngiphume kuzozonke izinhlobo zamahlelo nakho konke okunye, ngilalele ukubala ngokuhlehla. Kodwa manje ngifuna ukusho lento eyodwa, Mfowethu Branham, kulokhu ukusa, ngiyagula. Nginomsebenzi othize engifanele ngiwenzele iNkosi okwamanje. Ngilalele ukubala ngokuhlehla, kodwa ngifuna uku—ngifuna ukuphila. Ngigxumela kukho kulokhu ukusa, ngilalele ukubala ngokuhlehla.” Yini ukubala ngokuhlehla na? IZwi likaNkulunkulu. Libale lahlehla ngqo. Nguye izolo, namuhla, naphakade. “Ngifuna ukuMuzwa njengoMphilisi wami kulokhu ukusa. Ngifuna ukuphakamisa isandla sami bese ngithi, ‘Ngikhulekele, Mfowethu Branham.’” UNkulunkulu akubusise. Nyathela ungene ngqo manje. Nyathela ungene ngqo. Ialtare ligewe, nakhona konke ngapha, kugewele phama kwiphansi. Besingekwazi ukwenza umugqa womkhuleko. Bemibazungeze izindonga nakho konke. Nje sinesibumbatha. Awudingi ukuba wenze lokho. Use—use... Ungusonkanyezi.

124 Ungusonkanyezi. Uya ngaphambili le kukaLuther. ULuther akakholelwa nhlobo kukho. UWesley wayezibeka izandla.

iPentecostal igcoba ngamafutha. Wena ungunsonkanyezi, usuhambe waya ngaphambili le kwanoma yini ezindlayo. Ngoba nje iZwi lasho njalo, ngiyaqhubeka. Awu, wena uthi, “Akakholwanga yini uLuther na? Kwakungesilo yini iZwi lelo na?” Ya, kodwa uWesley wahamba waba ngaphezu kwakhe. “Awu, uWesley wayegcoba ngamafutha noma enye into ethize. Uyakukholwa lokho na?” Yebo, kunjalo. “iPentecostal ikhipha amademoni.” Ya. “Babeka izandla zabo phezu kwabo, benokuphilisa ezandleni nakho konke okunye.” Ya, ngiyazi ukuthi lokho kunjalo, kodwa qhubeka. Qhubeka! UWesley akabheki emuva kuLuther, iPentekoste ayibheki emuva kuWesley. Kanjalo nathi asibheki emuva kwiPentekoste. Singosonkanyezi. Singaphambili le kwalokho. Asiqhubekeni. UKristu washo njalo!

¹²⁵ Ukwenza kanjani na? “Woza ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami futhi izosinda,” kwasho umJuda. UJesu wahamba futhi wamenzela khona, kunjalo. Kodwa lapho sekufika kumRoma, usonkanyezi, wathi, “Angifanele ukuba Uze phansi kophahla lwami. Shono iZwi nje, Nkosi.” Futhi Usevele ulishilo. Yilokho-ke.

¹²⁶ Manje asiphakamisele izinhliziyzo zethu—zethu kuNkulunkulu. Asiphakamisele izandla zethu kuNkulunkulu, izinhliziyzo zethu kuNkulunkulu. Nganoma yini eniyidingayo, insindiso, ukungeweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, noma ngabe yini, phakamisani izandla zenu futhi niphakamise inhliziyzo yenu eBukhoni bukaNkulunkulu ngqo, futhi niqonde ukuthi nihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, futhi ningusonkanyezi walokho kuKholwa. Ini? Nakhu kufika ukubalwa! “Yishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isithupha, isihlanu, kune kuthathu, kubili...” O Jesu, woza manje! Sibeka amandla eGama laKhe. Futhi njengoba sibonile izolo ebusuku, uPawulu washaya umuntu waba yimpumpethe, wadedela omunye wagijima phezu kwakhe. Futhi siyabona ukuthi uJesu wayengenza noma yini A—Ayenzayo, zonke izinhlobo zezimangaliso, futhi nokho wayesekupheleni ngqo kwendlela yaKhe, ebona ukuthi Wayeshaywa alahlwe phansi futhi aphinyiselwe, nakho konke okunye. Abantu abakuqondi. Bayaqonda ukuthi uNkulunkulu uyakwenza ukuqinisa lokho okufaneleyo, bese-ke evivinya ukukholwa kwabantu.

¹²⁷ Nkosi, sime lapha futhi sabona izimpumpethe mpu zemukela ukubona kwazo, ukugula; imidlavuzo esibekela abantu ngethunzi, bephiliswa. Sibabonile labo ababefile futhi babekwa ngaphandle amahora ngamahora, futhi bebuye bephila futhi. Siyazi ukuthi ngu—nguKristu wethu omkhulu thina esingusonkanyezi emzimbeni waKhe. Futhi manje ukubala ngokuhlehla sekuyenzeka, futhi sizokholwa kulokhu ukusa ngokuphiliswa kwethu, ngensindiso yethu, nangayo yonke into

esiyidingayo. Ngoba uma sikucela eGameni likaJesu Kristu, Wethembisa, “Celani kuBaba waMi noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza.” Futhi yilokho kuphela esidinga ukukwenza manje ngukubiza iGama laKhe, futhi kufanele kwenziwe. Silalele ukubala ngokuhlehla.

¹²⁸ Nkosi, abanye babo akade beyizoni, baphakamise isandla sabo. Balindele ukubala ngokuhlehla, lapho okuyoba khona uguquko enhliziyweni yabo, oluzokhipha konke ukonakala okudala okubi kakhulu. Kunabaningi obhema osikilidi, oselungele ukubabeka phansi. Abaningi owenze izinto abebengafanele bazenze, futhi sebelungele ukukubeka phansi, ngoba sicela uNkulunkulu uSomandla eGameni likaJesu Kristu ukuba asuse zonke izinto ezilibazisa iBandla kulokhu ukusa, kusukela ekuguleni kuya esonweni, futhi lelibandla malikhululeke. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi amandla naMandla eVangeli elikhulu, uMlilo kaMoya oNgcwele uqale ukusakazeka, nosonkanyezi abakhulu bakaNkulunkulu basuke baye esifisweni senhliziyo yabo namhlanje. Siphe khona, Nkulunkulu uSomandla. BangabaKho. Futhi kwangathi bangemukela ukuphiliswa kwabo, insindiso yabo, nanoma yini abayidingayo. Ngibancoma kuWe, futhi ngibanikela kuWe ngomkhuleko wami, ealtare lapho iGazi likaJesu Kristu libekwe liselisha kulokhu ukusa. EGameni likaJesu Kristu kwangathi bangakwemukela lokho abakucelile. Nabantu bathi [uMfowethu Branham nebandla uthi “Amen”—Umhl.].

¹²⁹ Ngakho, Likhholweni! MaLibe njalo! NgiyaLikhholwa. Ngiyakholwa. Amen. Ngiyazi ukuthi UnguNkulunkulu. Ngiyazi ukuthi sikulungele ukuzuza ngempumelelo kukaNkulunkulu okukhulu. Yini ukuzuza ngempumelelo kwaKhe na? Ukushiya umhlaba. Usonkanyezi uya enyangeni, omunye umhlaba. NeBandla likaNkulunkulu (kusukela ebhanoyini, ukusukela ekugibeleni ihhashi kanjalonjalo) lishiya njengosonkanyezi, liya kwelinye izwe, okuyiZulu. Ukubala ngokuhlehla kuyenzeka. Amen. NiyaMthanda na? Manje-ke asiphakamise izandla zethu futhi sicule. “Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda ngoba kuqala U. . .” Ayibongwe iNkosi! Futhi uNkulunkulu anibusise kuze kube kulobubusuku uma senginibona.



UKUBALA NGOKUHLEHLA ZUL62-0909M
(Countdown)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeSonto ekuseni, ngo Septemba 9, 1962, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgesi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2002 ngabe:

ZULU

©2002 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org